# *BHEKA, OMKHULU KUNOSOLOMONI ULAPHA*

Ngiyabonga, Mfowethu Borders.

2 Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje manje, ngomkhuleko. Uma sinezicelo masiphakamise izandla zethu kuNkulunkulu futhi ngokuthula, enhliziyweni yethu, sithi, "Nkulunkulu, ngikhumbule."

3 Baba wethu waseZulwini, sibuthene, kulobubusuku futhi, sisondele ngolunye usuku futhi kulesosikhathi esikhulu lapho Uzodonsa isikhathi ungene ePhakadeni. Sibe nenhlanhla yokuphila namuhla, futhi sibona, abaningi bethu, nokuzwa, nokuba nemizwa yethu, ukuzwa uMoya kaNkulunkulu enhliziyweni yethu. Siyabonga ngakho. Kulobubusuku, ngaphambi nje komhlangano, izinhliziyo zifudunyeziwe nezandla ziphakanyisiwe. Ukulindela, kulobubusuku, kukhulu, Baba. Sisize manje ukwamukela esikucelayo. Ngicela ukuthi Uzoyikhulisa iNdodana yakho, uKristu, phambi kwezethameli, kulobubusuku. Ngikucela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

4 Ningahlala phansi. Niyizethameli ezinhle kakhulu ngempela, futhi kuhle kakhulu ukukhuluma nani, bengikhuluma isikhathi eside kakhulu, nginigcina kubeleyithi kakhulu. Kusasa ntambama yinkonzo yethu yokuvala. Ngikholwa ngempela ukuthi uMoya oNgcwele ufakazisile kithi ukuthi Ulapha. Manje, asiphushe konke esingakwenza manje, umkhuleko. Futhi silungele, noma yini Asiphathele yona, ukuthi sizokwemukela.

5 Manje, kunezivakashi eziningi lapha. Kukhona abanye lapha abavela kwezinye izingxenye zezwe. Futhi manje, ekuseni, yiyani kuSonto sikole. Lamadoda lapha ayizinceku zikaKristu. Bangabantu abakholelwa kuyo le inkonzo efanayo engiyishumayelayo, bangabefundisi, izisebenzi engikanye nazo, izakhamuzi zoMbuso kaNkulunkulu, banamabandla lapha, bangajabula ukuba nawe phakathi kwelabo. . .kusasa ekuseni, ukuya emasontweni abo, ngalinye.

6 Futhi uyazi. . .Ngicabanga ukuthi benze leso sitatimende, kodwa ngihlala ngisho lokhu: Kuyisono ukuthumela abantwana bakho kuSonto sikole. Bangaki okwaziyo lokho na? Kuyisono ukuthumela abantwana bakho kuSonto sikole; ufanele ubathathe. Ngakho qiniseka ukwenza lokho. Hamba nabantwana bakho, kusasa, kuSonto sikole. La madoda, mhlasimbe, anebandla lawo elihleliwe esimweni esihle ukuze

anakekele noma yibuphi ubudala, nabo bonke abancane nabadala na*bafanayo*. Uzolizwa iZwi leNkosi.

7 Futhi ngikhulekela ukuthi ngalinye lebandla labo, kusasa, lizobe ligcwaliswe kakhulu ngoMoya oNgcwele kuze kwenzeke izibonakaliso, izimanga, izimangaliso nezinto ebandleni labo, futhi kuyoba nenkazimulo nodumo olukhulu olunikezwa iNkosi yethu uJesu Kristu. Ngiyakwethemba ngenhliziyo yami yonke.

8 Manje, masinya, ukungena ngqo emlayezweni walobubusuku. Futhi ngifuna ukuqiniseka manje, kusasa ntambama, ngicabanga ukuthi ngelesibili nqo, noma ligamenxe elesibili, noma okuthize. Futhi mangaki amakhadi omkhuleko. . .? Ingabe sinawo amakhadi omkhuleko amaningi akhishiwe na? Kufanele sizenze lezi. . . Niyazi, sifanele sibakhulekele. Wonke umuntu, uthola ikhadi lomkhuleko, uyakhulekelwa. Futhi bazobe benikezela amakhadi omkhuleko kusasa ntambama, cishe, o, isikhashana ngaphambi kokuba inkonzo iqale, ngingathi okungenani imizuzu engamashumi amane nanhlanu, ukuze bengezukuphazamisa e—eyakusihlwa, noma, inkonzo yantambama. Ngakho umfana uzoba lapha, futhi uzoba nomuntu othile ozomsiza, futhi bazobe bekhipha amakhadi omkhuleko cishe, mhlawumbe ingxenye yehora noma kanjani, noma mhlawumbe okuthe xaxa kancane, kunoma ubani ofuna ikhadi lomkhuleko. Futhi sizokhulekela wonke esingakwazi.

9 Bengizama kanzima kabi, kodwa, nesandla sami siseBhayibhelini, kulobubusuku, futhi kukhona abantu lapha kanye nami abaziyo ukuthi lemihlangano phezulu naphansi ogwini bekuyimihlangano yokuhlola. Ngiya ezinkundleni zemishini. Uma kwenzeka ngibuye futhi, kuzoba uhlobo lwenkonzo olwehlukile kulokho engikubambile, ngizobe ngikhulekela abagulayo kuphela. Niyabo? Ngi. . . Khona. . . Ukubona okufihlakeleyo akuhambisani nabantu baseMelika, abantu abayizihlakani, abakuboni, enye yalezozinto ingenzeka e-Afrika futhi izinkulungwane ezingamashumi amabili nezingamashumi amathathu zizophuthuma e-altare khona manjalo.

10 Kodwa siyafana nje ne. . . Inenekazi ethile laqashelwa, ezweni lakithi, esitolo sikasheleni kungekudala. Lalizama ukukhombisa umfana omncane yonke into okufanele ihehe ukunaka komfana omncane, futhi emva kwesikhashana, lalicosha izinsinjana futhi lizishaye, futhi wayevele agqolozele nje, abuke phandle ngqo nje. Futhi ekugcineni, inenekazi lanqotshwa kakhulu, lavele lawela phezu kwekhawunta.

11 Abanye abantu bemi lapho beza kulo befuna ukuzwa ukuthi kwakuyini indaba, lalikhala, lathi, "Ngumfana wami omncane." Lathi, "Esikhathini esithile esedlule wavele wahlala, waqala ukuhlala, egqolozele." Futhi lathi, "Ayikho into okufanele ihehe

umfana omncane, onguntanga yakhe, akumhehi neze, uvele agqolozele emkhathini."

12 Lokho kucishe kube indlela ibandla eselibe ngayo, uNkulunkulu unyakazisile zonke iziphiwo zikamoya ezinganyakaziswa, okubaluliwe ngazo eBhayibhelini, phambi kwabo, futhi bavele bagqolozele. Awu, ngicabanga ukuthi kulungile, mhlasimbe, ngicabanga ukuthi kunjalo.

13 Kungikhumbuza imbongi endala, imbongi yeNgisi—Ngisi, ngiyalikhohlwa igama layo. Yayibhala. . . Njalo, yayiluthanda ulwandle, kodwa yayingakaze ilubone, ngakho ngolunye usuku yayehlela olwandle, futhi yahlangana netilosi elidala livela olwandle, lase lithi, "Uyaphi, muntu wami olungile?"

14 Yathi, "Ngiya olwandle," yathi, "ngiye ngabhala ngalo, kodwa angikaze ngilubone." Yathi, "Ngilangazelela ukuhogela amagagasi alo acwebile, ngithanda ukubona amaza amhlophe lapho ehlakazeka, ngizwe izinyoni zasogwini lolwandle lapho zindiza."

15 Nosawoti omdala, itilosi, linentshebe ebusweni balo, lakhipha inqawe yehleza lathimisa, lathi, "Ngazalelwa kulo eminyakeni engamashumi ayisithupha edlule, ngaba lapho kusukela lapho, angiboni lutho oluxhuxhumisa kakhulu ngalo."

16 Kuyini na? Wakubona kakhulu kwaze kwaba yinto evamile kuye. Yilokho-ke okuyinkinga ngathi bantu bePentecostal. Sibone okuningi kakhulu okwenkazimulo kaNkulunkulu kwaze kwaba yinto evamile kithi, akusasixhuxhumisi.

17 Ngizamile kanzima kakhulu. Lona umhlangano wami wokuvala waseMelika. Nakanjani, ngizizwele ukuba ngize lapha kulelizwe. Ngithathe lesi sigejane esihle samadoda, ngokunye ukusa, ukuya ekudleni kwasekuseni, futhi angikaze ngihlangane nesigejane esihle kangaka samadoda, noma yimaphi amadoda angcono empilweni yami, amadoda oMoya angempela, izinhliziyo ezigcwele uthando ngabantu bawo, angabelusi, abelusi bezimvu.

18 Anikwazi ukulwa, ukuthi lamadoda akulwile, ukuletha lomhlangano lapha. Kunjalo. Kodwa bakufuna phambi kwabantu babo, bakhathalele abantu bakubo bekhula emseni kaNkulunkulu, futhi bazama ukubenza bazi okwengeziwe ngoNkulunkulu. Futhi lapho bezwa ngento ethile kaNkulunkulu, bayihlole futhi bacabange ukuthi ilungile, bayiletha phambi kwabantu kungakhathaleki ukuthi intengo iyini. Ngaba nokwazisa nokuhlonipha amadoda anjalo. Kunjalo.

19 Futhi sibe nokubeka izandla emihlanganweni, sibe nakho lokho kusukela, iminyaka neminyaka neminyaka neminyaka. UJohn Wesley wakhulekela abagulayo, uCalvin, uKnox, uSpurgeon, kwehle njalo, bakhulekela abagulayo futhi babeka izandla phezu kwabagulayo. Kufika iPentecostal nokukhulumangezilimi nokuhumusha, nokunye nokunye, futhi kuqhubeke,

kodwa asikaze sikubone lokho uMoya oNgcwele asenzela khona njengamanje. Niyabo?

20 Futhi yilokho engizama ukukuyisa kubantu, ukuthi awudingi ukulinda kuze kufike isipho esithile esikhethekile ezweni, uKristu uhlala ekhona neBandla laKhe. Ubungathini ukuba ubulele phandle lapha, emgwaqeni, wophela ukufa engozini na? Bese-ke uthi, "Ngifanele ngithumele, ngibize uMfowethu Branham, uMfowethu Roberts, noma omunye, eze angikhulekele"? UKristu ukhona lapho, uhlezi ekhona. Niyabo? Yilokho engizama ukwenza abantu bakubone, kodwa emva kohambo nohambo, esizweni sonke, kusalokhu kunjalo.

21 Futhi ngokwazi kwami, ngaphandle uma uNkulunkulu uSomandla embula kimi ukwenza okwehlukile, lona kuzoba ngumhlangano wami wokugcina eMelika, e-United States, ngaphansi kokubona okufihlakaleyo, ngiyohlala ngishumayela futhi ngikhulekela abagulayo. Lapho ngiya kwamanye amazwe, ngizosebenzisa lokho. Ngoba awazi nhlobo, ngeke wazi ukuthi lokho kwenzani kimi, kungiqeda amandla, umbono owodwa uzongidwengula isikhathi eside kunaleso. . . ngaphezu kokuma lapha amahora amathathu ngishumayela. Futhi ngiyakwenza, ngiziphumuza ukuze ngithole okuzokwenzeka, futhi ku. . . akuthathi nje, yilokho kuphela.

22 Ngema eNingizimu Afrika, ngenye intambama, kanye phakathi cishe. . . cishe abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili, umsamo, into efana nale, eyakhelwe lapho ithrekhi yomjaho. . . Bekumele ngiyakhe ngakolunye uhlangothi umzila womjaho, wema phezulu lapho, ingekho indlela yokukhipha amakhadi omkhuleko, kwakukhona nje izinkulungwane eziphindwe ngezinkulungwane. Sasingenabani. . .

23 Nganginezithunywa zenkolo, "Yehla ukhiphe umuntu oyedwa ezizwaneni zakho oshumayela kuzo." Bafolisa iqulu labantu. Owokuqala oweza emsamo kwakungowesifazane ongokaMohamede, ichashazi elibomvu ebunzini lakhe, njengoba wazi ukuthi ungokaMohamede.

Futhi ngathi, "Uzeleni kimi na? UngokaMohamede."

Wathi, "Nginguye."

Ngathi, "Kungani uze kimi, njengomKristu na?"

Wathi, "Ngoba ngicabanga ukuthi ungangisiza." Wakhuluma kahle impela, isiNgisi.

Futhi ngathi, "Ingabe wake walifunda iTestamente eLisha na?"

Wathi, "Ngilifundile."

Futhi ngathi, "Khona-ke ukubonile engisanda kukhuluma ngakho, yilokho Ayeyikho, onguye izolo. . . "

Wathi, "Yebo, mnumzane."

24 Ngathi, "Manje-ke uma uMoya oNgcwele uzokwambula kuwe, khona-ke uzokwazi ukuthi umprofethi wakho kaMohamede angeke akwenze lokho, ufile futhi wembelwa, kodwa uKristu, iNdodana kaNkulunkulu, uvukile futhi ephila kuze kube phakade."

Wathi, "Uma Engembula njengoba Enza, eTestamenteni eLisha lapho, njengoba lisho, ngizoMemukela njengoMsindisi wami."

25 Futhi lapho. . .Ngathi. . .Ngaphinde ngambuka, ngathi, "Unesikhwanyana esinobomvu esibelethweni. Umyeni wakho ehlezi khona lapho, uyindoda ende ezacile. Kodwa ubunodokotela ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, onamadevu amnyama, owondlekile, egqoke isudi empunga, futhi wakuhlola ngasesithweni sowesifazane, wayesethi, esibelethweni seqanda, unesikhwanyana esinobomvu."

Wathi, "Ngemukela uJesu Kristu njengoMsindisi wami siqu," nezinkulungwane eziyishumi zikaMohamede ziza kuKristu ngalowo mzuzu.

26 Ngaphambi kokuba ngidlule, ngakhuluma eKiwanis Club, futhi kwakukhona abanye abefundisi. Futhi babekhuluma ngendoda eyodwa lapho, eyayikade ilapho iminyaka engamashumi amabili, futhi bathi, "Lelo gugu eliyigugu," wayesephenduke oyedwa kaMohamede. Base bengitshela ukuthi ngangihlanya, nalokho abakubiza ngoku*hlanya,* nalokho abakubiza ngoku*funda ingqondo* no*kusebenza kwengqondo*, noma u*moya omubi,* noma okuthize, waguqulela abakaMohamede abaningi kuKristu ngesikhathi esisodwa semizuzu emihlanu kunawo wonke amapheshana obuhlakani futhi konke sekudlulile eminyakeni eyikhulu namashumi amahlanu. Niyabo? Nakho la ukhona.

27 Olandelayo ofika emsamo kwakungumfanyana onezingxemu. Ngenkathi ngisambuka, ngathi, "Manje, anginawo amandla okuqondisa amehlo akhe, uyazi ukuthi anginawo, ngiyindoda nje. Buka umfo omncane." Futhi ngathi, "Kodwa manje, mayelana nempilo yakhe. . . " ngimbuka.

28 Futhi ngakho-ke, ngisakhuluma, umfana omncane. . . Ngathi, "Uvela e—ekhaya lamaKristu, ngoba eqhungwaneni lakhe, lapho ungena emnyango, kunesithombe sikaKristu silenga ngakwesokunene sakhe somnyango, lapho ungena. Unina noyise bangamaZulu, kodwa yena. . .bangabantu abazacile, abade," futhi basukuma, emuva le, mhlawumbe ibanga lendlu yasedolobheni emuva, ukuthi lokho kwakuqinisile. Futhi ngathi, "Manje, umama, wamkhombisa uyise, kwathi nje amehlo engane evuleka, wazalwa enezingxemu."

29 Ngabuka emuva futhi umfo omncane emi lapho, isisu sakhe esincane singaphandle, engagqoke zimpahla nhlobo, futhi nango emile lapho, engibuka *kanjalo*. Lapho ngibheka emuva amehlo akhe ayeqondile njengawami, ngathi, "Noma ubani uyabona amehlo akhe aqondile," wamdlula waqhubeka.

30 Bangaki abake bezwa ngoDkt. F. F. Bosworth, uMfowethu Bosworth omdala na? Enye yamadoda amadala angcwele kunawo wonke, engake ngahlangana nawo empilweni yami. Nakho la wayekhona, emi emsamo, ngamuzwa ezama-. . . Bangaki abake bamazi u-Ern Baxter na? Isazi sezenkolo sangempela, umfowethu kuKristu, wayemi ngalapho.

31 Nodokotela waseBrithani wayephikisana, wenyukela lapho, wayesethi, "Wenzeni kuleyongane na? Ingabe uyiluthekisile ingqondo na?"

32 Futhi ngathi, "Bese kuthi-ke uhulumeni waseBrithani ekunikeza ilayisense lokusebenza ukwelapha, ngangingazi lutho ngokulutha ingqondo kunalokho! Uma ukulutha ingqondo kuzoqondisa amehlo engane, anezingxemu, nina bodokotela kungcono nisebenzise ukulutha ingqondo."

33 Wathi, "Awu, Mnu. Branham, ngabeka ingane emsamo, ezansi *lapho*, futhi amehlo engane ayenezingxemu, futhi *lapha*," wayemi lapha, ngaphansi kwesandla sakhe, uthi, "amehlo akhe aqonde ngqo. Kukhona okwenzekile phakathi kwa*lapho* na*lapha*."

Futhi ngathi, "Yebo, uhlangane noKristu."

34 Manje, wathi. . .Umnduze omkhulu kakhulu. . .Abanye benu besifazane bathanda iminduze. Eminye yaleyo minduze lapho ilulеke amayintshi ayishumi nesishiyagalombili, futhi lapho, izixha ezinkulu zayo ngaleya komsamo, ngi. . .wathi, "Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu ukuleyombali, ngifundisiwe ukukukholelwa lokho, kungukuphila. Asikwazi ukukukhiqiza, lokho kuyiqiniso, kodwa," wathi, "uma. . .ingabe Ubambeka ngokwanele ukuba enze amehlo alowo mfana aqonde na?"

35 UMnu. Bosworth ubeka izandla zakhe kuye, wathi, "Mnumzane, uzodala isiyaluyalu, bheka ngaphandle phakathi lapho manje." Wathi, "Uthatha isikhathi esiningi kakhulu, ngenkathi uMfowethu engaphansi kokugcotshwa. Kuzofanele sikucele ukuthi uhambe."

Futhi wathi, "Umzuzwana nje. Mnu. Branham, kwenzekeni kulowomfana na? Ingabe uJesu Kristu ubambeka ngokwanele ukuba awaqondise lawomehlo na?"

36 Ngathi, "Uzodinga, uthathe izwi lami, wayemi khona *lapho*, angizange ngisho ngimthinte. U—ukukholwa kwalowobaba nomama, phandle lapho, nalomntwana, amehlo akhe aqondile."

Wadudulela wonke umuntu emuva, wase ekhuphukela emsamo, waphakamisa isandla sakhe wayesethi, “Khona-ke ngemukela uKristu njengoMsindisi wami siqu.”

37 Futhi ngenkathi ngihamba, cishe izinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu noma amashumi amathathu, phandle endizeni, ngivalelisa, lomfo omncane weqa imigqa yabo, owayelapho, futhi wagijima waphumela lapho, wangigona entanyeni, futhi waqala ukukhuluma ngezilimi. Futhi wathi, “Ngihambile. Manje, ngizoba isithunywa senkolo sezokwelapha kubantu bomdabu, emuva phakathi lapho, ngaphansi kokuhlela kwePentecostal.” O, he.

38 Ngaleyontambama, lapho ngimi lapho, udaba olulodwa nje futhi, ngeke ngibe naso isikhathi sokuluxoxa, kodwa lapho lokho kwenzeka, ngathi, “Bangaki kini abafuna ukwamukela uKristu njengoMsindisi wakho siqu na? Ngifuna uphakamise isandla sakho.” Kwasukuma izinkulungwane ezingamashumi amathathu, abantu bomdabu abembatha izingubo zokulala abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu, ababengazi ukuthi kwakuyisiphi isandla sokunene nesokhohlo, abesifazane bemi lapho, bengagqokile, isiqeshana esingamayintshi amane ububanzi, ubuhlalu.

Futhi omunye wathi, “Ngikholwa ukuthi babeqonde ukuphulukiswa ngokomzimba.”

39 Ngathi, “Ngangingaqondile ukuphulukiswa ngokomzimba. Uyakholiseka yini ukuthi iBhayibheli, ukuthi ngisanda kukutshela lokho Ayeyikho, nguNkulunkulu owenza lokhu na?” Bonke baphakamisa izandla zabo. Ngathi, “Uma uqotho, phihliza isithixo sakho emhlabathini.” Kwakufana nesiphepho sothuli, *kanjalo*, futhi abantu bomdabu abembatha izingubo zokulala abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu bamukela uKristu njengoMsindisi wabo ngesikhathi esisodwa.

40 Futhi ngakusasa ekuseni uSidney Smith, imeya yaseThekwini, eNingizimu Afrika, wangishayela ucingo wayesethi, “Iya emafasiteleni akho, ubheke ngasogwini lolwandle, ngokushesha impela, uzobona into ethize ongakaze uyibone.” Futhi nakho kufika amaloli ayishumi nesikhombisa, amaveni amakhulu, futhi emade njengoba esuka *lapha* aye lapho kusho khona ukuthi “Phuma” *laphaya*, nje egcwele i. . .

41 Ngenza umkhuleko owodwa, umkhuleko wenhlangano yebandla, walezo zinkulungwane ziphindwe ngezinkulungwane, izilwandlekazi nje zabantu, usibonile isithombe sakho. Bese kuthi-ke. . .Yilokho ukuguqulwa kulento. Futhi lapho u—lapho ubheka lapho. . .Ngase ngibuka phandle lapho, futhi babelele phandle lapho futhi ngavele ngama nje ngaphakamisa isandla sami, futhi ngenza umkhuleko owodwa omncane cishe wemizuzu emihlanu, phezu kwabo bonke futhi ngathi, “Uma ukholwa

ukuthi lowoMoya, owazi izimfihlo zenhliziyo, unguNkulunkulu weBhayibheli, khona-ke yemukela ukuphulukiswa kwakho."

42 Futhi ngakusasa ngabuka ngaphandle ngefasitela, futhi eziyishumi nesikhombisa zaleyo mithwalo emikhulu yamaveni yehla, nalabo bomdabu ababelele kulezozinto ababezipakishela kuwo, nezagila, nezihlalo ezinamasondo, nezinhlaka nakho konke okunye, wayehamba emva kwalokhu, ecula, "Konke kuyenzeka, kholwa kuphela."

43 UDkt. F. F. Bosworth ungomunye wamadoda athembeke kakhulu engake ngawabona, wayengeke neze... wayezongathekisela ngaphansi esikhundleni sokungathekisela ngaphezulu, wathi, "Mfowethu Branham, ngenkathi ngibona leyonto enkulukazi yenzeka," wathi, "Ngingasho ngesandla sami eBhayibhelini ukuthi ngingathekisela ngaphansi izimangaliso eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ezivelele ezenzeka ngesikhathi esisodwa."

44 Futhi saphendula amakhanda ethu, sasuka sahamba, futhi sithi, "Awu, ngiqagele kwakulungile." Bazophakama basilahle. Kunjalo. Kunjalo. Ningabantu bami, mina ngingu-Anglo-Saxon, nina ni—ningabantu bami. Niyilowo engi...Nina ni—nifana nami, ningumuntu omhlophe, futhi—fithi mina—ngi—ngi—ngilapha ukuzonitshela, kodwa imfundo yenu inimoshile. Kunjalo impela. Ikuqhelise kuNkulunkulu, ikwenza njalo. Imfundo iyisitha esikhulu kunazo zonke iVangeli elake laba naso, ngikusho lokho ngenhliziyo yami yonke, yisitha esikhulu kunazo zonke iVangeli elake laba naso. Kunzima kakhulu ukubhekana nomhedeni ofundile kunalowo ongafundile.

45 Ake nginitshele okuthize, khona ngqo kuleyondawo efanayo, futhi ngababuza lababantu, ngathi, "Ungalindi manje uze uhambe ufunde izilwimi, hamba, utshele wonke umuntu esizwaneni sakho." Ngineziqeshana zamaphephandaba lapho, ngiyakhohlwa ukuthi zingaki, inqwaba yezibhamu nezinto ababezintshontshile, nje esizwaneni samaShangane, bazibuyisa. Imeya yase...Iphepha laseThekwini lakuqukatha, ukuthi basebeqedile ngesono.

46 Futhi qaphelani, ake ngisho into ethize nje, hhayi ukuhlambalaza okungcwele, kodwa ukuba ubuzalwane, nokwesaba uNkulunkulu, nangokwexwayisa kini: Labo besifazane, bemi lapho benqunu nqu, bengagqokile lutho ngaphandle kwesiqeshana, futhi ngoku—ngokushesha lapho bemukela uKristu njengoMsindisi wabo, basuka lapho besonge izingalo zabo. Phendula umbuzo wami, othile: Uma nje ukwamukela uKristu kuzobangela o—owesifazane, ongasazi isandla sokunene nesokhohlo, ukuqonda ukuthi unqunu, singazibiza kanjani ngokuthi singamaKristu futhi sihlale sihhundula izingubo zokugqoka ngaso sonke isikhathi na? Kukhona okuthile okungalungile ndawo ndawo. Asikhuleke.

47 Baba waseZulwini, ngizamile kanzima, ngenze konke engikwaziyo, okusele kukuWe, Baba. Mina—mina nje... Ngiyakhuleka Usisize manje njengoba sifunda iZwi laKho, lapho sikhuluma. Noma yini Oyibizile, Wena ngokuqinisekile... izofika. Ngikunikela konke kuWe, kanye nami uqobo, lamaZwi ambalwa abekwe lapha phambi kwami. Futhi ngikhulekela ukuthi UzoLingcwelisa ukuKuhlonipha.

48 Ngiyaxolisa ukuthi ngibamba abantu baKho kudlule isikhathi kakhulu. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ngazi ukuthi imvuselelo isiphelile, nabantu bakhandleka kalula, ngi—ngiyaxolisa uma kukhona okubi engikwenzile. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzongisiza, kulobubusuku, futhi usivumele sibone iZwi laKho, kanye futhi, ekuKhanyeni kwaLo, bese uphulukisa abagulayo futhi usindise abalahlekile. Sikunikela kuWe eGameni likaJesu. Amen.

49 UMathewu oNgcwele 12, qala nge...evesini la 38. Nina—nina nibahle kakhulu nje ngiyakuzonda uku...Ngiyakuzonda ukuthi ngifanele ngizimpintshe. Niyabo? Futhi sijwayele isikhathi semvuselelo, lapho sishumayela ubusuku bonke, sikhuleke ubusuku bonke, ubusuku emva kobusuku, niyabo, ngaso sonke isikhathi, sihamba njalo njalo. Lapho imvuselelo iqala, kuba nje imini nobusuku, imini nobusuku. Angikhathali ukuthi uphuthwe umsebenzi wosuku, lokho kulungile, kodwa angifuni wena, uphuthwe nguSonto sikole ekuseni; unga—ungaphuthwa uSonto sikole. Uma kufanele uphuthelwe umsebenzi wosuku, ngeke ngiphatheke kabi kakhulu ngalokho, ngoba zonke lezozinto ziyabhubha noma ikanjani, kodwa ningaphuthwa uSonto sikole. Ngizonidedela kusenesikhathi ukuze niye kuSonto sikole.

Ivesi la 38 likaMathewu 12:

> Kwakukhona abanye *kubabhali...kubaFarisi baphendula, bathi: Mfundisi, sithanda ukubona isibonakaliso esivela kuwe.*
>
> *Kepha waphendula wathi kubo, Isizukulwane esibi nesiphingayo* sifuna...*isibonakaliso; kepha asiyikunikwa sibonakaliso, kuphela isibonakaliso sikaJona umprofethi:*
>
> *Ngokuba njengalokho uJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu; kanjalo-ke neNdodana yomuntu iyakuba senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.*
>
> *Amadoda aseNineve ayakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesi sizukulwane, asilahle: ngoba baphenduka ngokushumayela kukaJona; bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoJona.*
>
> *Inkosikazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle:*

*ngokuba yavela emi*khawulweni *yomhlaba izokuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.*

50 Ngifuna ukuthatha indikimba encane evela lapho: *Bheka, Omkhulu KunoSolomoni Ulapha.*

51 UJesu wayekade. . .Ngicupha iwashi lami, ngakho ngiyazi ukuthi ngeke ngeqe isikhathi, kulobubusuku. UJesu wayekade ekhuza imizi Ayephume kuyo, futhi wayenze imisebenzi yaKhe nezibonakaliso. Wayebakhuza ngoba bengaMkholwanga. Uma nizofunda isahluko esandulele, isahluko se 11, futhi ufunde isahluko se 12 uzobona, phakathi lapho, lapho labobantu ababefanele ukuba balwazi usuku ababephila ngalo, babengalazi, behluleka ukuluqonda.

52 Futhi esikhundleni sokwazi nje impela usuku nesibonakaliso esasiyoba yiso osukwini lwaKhe. . .Waze wabasola, wathi, "Ningahlukanisa ubuso besibhakabhaka; kodwa isibonakaliso sesikhathi anikwazi ukusihlukanisa. Ukuba beningazi Mina, beniyolwazi usuku lwaMi."

53 Manje, ake sizame nje ukuphuza yonke ingcosana yalokhu phakathi, kulobubusuku. Futhi ngiyazi kwehlukile, lemibhalo yakheke ngokwehlukile, mina. . .kunalokho okungenzeka ukuthi benilokhu nikulalela, kodwa ngifuna nizame ukulalelisisa, kulobubusuku. Niyabo, babe—babezama uku—ukuba nombono wabo siqu, futhi bengaMlaleli ngokomBhalo, ngoba Wayethe kubo, "Kungani ningahloli imiBhalo, ngokuba YiYo efakaza ngaMi; kuYo nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade futhi Ifakaza ngaMi. Futhi uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa."

54 Abazange baMkholwe enguNkulunkulu futhi nokho enguMuntu. Wathi, "Uma ningenakuNgikholwa, njengoMuntu, kholwani imisebenzi. Imisebenzi mayifakaze, uma ningakwazi ukuNgikholwa. Uma bethi Ngazalwa ngokungemthetho, futhi aNginamfundo, aNgikaze ngivele kunoma yisiphi sezikole zenu, nokunye nokunye, futhi ningeke niNgikholwe ngoba aNgikaze ngikhuphuke ngaphansi kwemfundiso yenu noma okunye nokunye, ngani, kholwani imisebenzi eNgiyenzayo; ifakaza ngaMi." Ukusola okunje kuba—ba—bantu.

55 Manje qaphelani, yonke imizi Ayeye kuyo, futhi Wayekade esola iKapernawume, "Wena uphakanyiselwe eZulwini, kodwa uyokwehliselwa esihogweni. Uma imisebenzi yamandla, yayenziwe kuwe. . .lokho okwenziwa kuwe, kwakwenziwe eSodoma, ngabe isamile nanamhlanje." Futhi Waqala ukukhuluma omunye komunye, ukuthi kanjani lokho. . .

56 Kukhona ogulayo *lapho*. Uma abanye babazalwane bezomkhipha, futhi bathathe, noma, bamkhulekele. Mbambe nje ngezandla zakho, Mfowethu, futhi ake ngimkhulekele, khona lapha.

57 Baba wethu waseZulwini, ngiyamkhulekela udade. Amandla kaNkulunkulu uSomandla mawabe phezu kwakhe futhi amkhulule, Nkosi. Ngikucela lokhu eGameni likaJesu Kristu. Amen.

58 Manje, okuyikho, ugula ngempela ngenxa yokucindezeleka nga*lapho*, ne—nesixuku sihlezi simzungezile. Kunendoda ehlezi *lapha*, khona *lapha*, ingibhekile, ihlushwa into efanayo. Ngakho nje. . . Uma ufuna ukumthatha umjikelezise, noma umkhiphe, futhi umdedele athole umoya omncane nezinto, bese-ke umbuyisa, kuzolunga.

Manje, ngenkathi besenza lokho, lalelani lokho esi—sizama ukukusho lapha. Manje, qaphelani. Kungahle kudingeke ukuthi nimthwale, ngoba uqulekile. Niyabo?

59 Manje, qaphelani, uJesu washo ukuthi Wayebasola labobantu ngoba babe—base beMnqabile, ezintweni Ayezenza, futhi abakwazanga ukukuqonda. Futhi Wayebatshela ngakho. Manje, uNkulunkulu wayebuyela kubo, kukho ngenxa yokungakholwa kwabo.

60 Manje, siyakwazi lokhu, ukuthi kuzo zonke izizukulwane, esibe semhlabeni, UNkulunkulu ubelokhu ekhombisa iziphiwo zaKhe nezibonakaliso nezimanga zokuqinisekiswa kweZwi laKhe, njalo. Futhi abantu ba, ngisho naseTestamenteni eLidala, ngezinsuku uJesu ayebhekisela kuzo lapha, Yena. . . Ngempela, ngokweqiniso, bancika kakhulu esibonakalisweni kunalokho ababenakho esayenseni yenkolo, ngoba uma isayense yezenkolo, akunandaba ukuthi yayibukeka inkulu kangakanani, nokuthi yayibonakala ilungile kangakanani, uma i-Urimi neThumimi ingakhulumanga ukuthi yayilungile, yayingalungile. Niyabo? Babethembele esibonakalisweni esingaphezu kwemvelo, kodwa isibonakaliso esingaphezu kwemvelo sasingenakuza kunoma yini, kwakufanele sifike ngokweZwi.

61 Manje, yileyondlela okufanele siyiqaphele, namuhla. Sinazo zonke izinhlobo zezibonakaliso, kodwa kufanele kube izibonakaliso ezivela esithembisweni seZwi, isithembiso seZwi ukwenza lokhu. Futhi siyazi ukuthi, kulolusuku, singabheka izinto ezingalungile, ngokuqinisekile singakwazi, ngoba uSathane uphonsa yonke impi yakhe lapho, ukwenza konke angakwenza, ukukumisa, kodwa akasoze akwenza. IZwi likaNkulunkulu lizonqoba, Lizoqhubeka ngqo. Ngakho akasoze aLimisa, leyo yinto eyodwa eqinisekile.

62 Manje, uNkulunkulu njalo ubebathumela izibonakaliso, futhi wabatshela ukuba bakholwe abaprofethi babo, nokunye nokunye, eBhayibhelini. Khona-ke uJesu lapha, esamile lapho, emva kokuba Esenze izinto eziningi kakhulu, khona-ke nakhu kukhuphuka laba baFarisi, basebethi, "Nkosi, sifuna isibonakaliso kuwe," ngenkathi sebeMbonile enza khona impela

iBhayibheli elathi Uyokwenza, futhi nokho bayabuya futhi, bathi, "Sifuna isibonakaliso kuwe."

63 Futhi Wababuka, ngiyabona ngamehlo engqondo edangele wayesethi, "Isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo sifuna isibonakaliso; futhi kabayikwamukela isibonakaliso ngaphandle kwesibonakaliso sikaJona," kuchaza uJona, umprofethi, "njengoba wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu; kanjalo neNdodana yomuntu kufanele ibe senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu." Manje, ngifuna wena... Manje, bheka ukuthi hlobo luni lwesizukulwane esingafuna lesisibonakaliso: isizukulwane esibuthakathaka, esibi, esingakholwayo, esiphingayo.

64 Bangaki owaziyo, nezazi zezenkolo nabafundi bemiBhalo okwaziyo, ukuthi njalo, iBhayibheli linempendulo embaxambili na? Lihlala liphendula liphinde liphendule futhi, Liyaziphinda, Alisoze lafa, LiyiZwi laphakade likaNkulunkulu. Futhi lapha kuMathewu i—isahluko se 3, Washo lapha, Wathi, "'Iphuma eGibhithe ngi...' Kungenzeka kugcwaliseke okwakhulunywa ngomprofethi, 'Ngiyibizile indodana yaMi iphume eGibhithe.'" Funda umbhalo osemphethweni wekhasi wakho bese uthola ukuthi lokho bekuyini, kwakunguJakobe indodana yaKhe, kodwa futhi kubhekise kuKristu, iNdodana yaKhe. Lihlala linempendulo embaxambili.

65 Futhi manje, uJesu, kusobala, wayebhekisela kulesosizukulwane, kodwa noma yisiphi isizukulwane esibi nesingakholwayo, esiphingayo. Futhi uma lokhu kungahlangabezani neziqu zaso, lesi sizukulwane esiphila kuso namuhla, umhlaba wonke jikelele, angazi ukuthi yini eyenzile. Siphila esikhathini sesinye sesizukulwane esingakholwa kakhulu, esiphingayo esake saziwa.

66 Ngathatha iphepha, lapho ngindizela phezu kweHollywood, lapha esikhathini esingeside esedlule, noma, eLos Angeles, futhi ngangifunda lapho lawo macala amakhulu angamashumi ayisikhombisa nane ayenziwa njalo ebusuku, amacala amakhulu, edolobheni elilodwa: iLos Angeles. Bengifunda ephepheni laseChicago, esikhathini esingeside esedlule, lapho ezintathu... udaba lokuhushula izisu oluyizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu lwaqashelwa edolobheni laseChicago ngenyanga, cabanga ngakho, nalapho ubungqingili kuloluGu lwaseNtshonalanga sekwenyuke ngamaphesenti angamashumi amathathu kusukela ngonyaka odlule. Cabanga ngakho, "Isizukulwane esiphingayo!"

67 O, ukube besibe cishe kuze kube ngelesibili nqo ekuseni ukuba simbe kulokho: esibi, isizukulwane esiphingayo. Kwakuyoba uhlobo lolo, futhi bebeyoluthola. Kwakuyini na? Isibonakaliso sokuvuka. Manje, sikuphi thina na?

68 "Njengoba uJona wayesesiswini somkhomo, iNdodana yomuntu izoba senhliziyweni yomhlaba." Abantu abaningi, namuhla, bacabanga ukuthi Usekhona lapho, kodwa Akafile, Uvukile kwabafileyo futhi ulapha kanye nathi manje, ebonakala phakathi kwethu, ezifakazela Yena uqobo, phansi naphezulu ogwini, emhlabeni wonke yonke indawo, ukuthi Uyaphila. Futhi isizukulwane esibi nesiphingayo sibona isibonakaliso sokuthi uJesu Kristu uyaphila futhi akafile. "Isizukulwane esibi nesiphingayo siyakufuna isibonakaliso," futhi bayosithola, isibonakaliso sokuvuka. Makuzike kujule ngempela manje; kufundisisise.

69 Ngenkathi uvumela lokho kuzike ngifuna ukubuza okuthize ngoJona. UJona wayengumprofethi. Abantu abaningi bamlahla ngecala uJona futhi bathi, "Awu, wayengumhlubuki omdala. Yena. . . " Akazange ahlubuke. Indoda kaNkulunkulu, "Izinyathelo. . .izinyathelo zolungileyo ziyalwa yiNkosi." Uyakukholwa lokho na? Futhi angikhathali ukuthi indoda kaNkulunkulu yenzani, uma igcotshwe nguNkulunkulu, ingahle yenze izinto ecabanga ukuthi zingukuhlanya kuyona, kodwa uma nje uzoqaphela kuphela, kusebenza kahle impela, uma nje ihamba ngendlela eholwa ngayo.

70 Manje, uNkulunkulu watshela uJona ukuba ehlele eNineve, idolobha elilingana neSt. Louis. Ababi? O, he! Futhi bephendukezelwe, bephambene, yonke into yayingalungile ngabo. Wathi, "Yehlela lapho futhi umemeze kakhulu ngokumelene nabo." Futhi wehlela emkhunjini futhi wazithengela inani lokugibela. Esikhundleni sokuya eNineve, mhlasimbe kwakungekho mikhumbi ehamba ngaleyo ndlela, ngakho uvele uwelela eTharishishi. Angikholwa ukuthi kwakuwubuwula, emva kokuba ngithole isambulo sangempela sakho, futhi ngibona ukuthi kwenzekani, futhi ngifunde iziNcwadi kukho, futhi ngiyabona lapho ayeqinisile khona.

71 Futhi emgwaqeni ophumela olwandle wangena enkathazweni. Neziphepho zakhuphuka, futhi bacabanga ukuthi umkhumbi wawuzocwila. NoJona wabatshela ukuthi kwakuyiphutha lakhe, babopha izandla zakhe nezinyawo zakhe futhi bamphonsa olwandle. Futhi uNkulunkulu wayelungiselele umkhomo ukuba umgwinye.

72 Manje, eminyakeni ethile edlule, cishe eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu edlule, baletha u—uhlaka lomkhomo eLouisville, eKentucky; lokho kungaphesheya komfula lapho ngihlala khona. Futhi babenokuthi umlomo wawo wawumkhulu kangakanani, nomunye usolwazi omncane, emi lapho, owayenemfundo eningi kunokuba wayenobuhlakani ukulawula. Ngakho wayekhuluma konke ngalomkhomo.

73 Futhi wathi, "Manje, niyizwile inganekwane endala ngomkhomo ogwinya uJona." Wathi, "Uma uzoqaphela,

ubungeke ufake ibhesibholi emphinjeni wawo." Wathi, "Ayikho into enjalo."

74 A! NgangingumIrish kakhulu ukuthi ngingakumela lokho. Ngakho ngathi, "Ngithanda nje ukusho okuthize kuwe, mfo. Kunento eyodwa oyigejile, *lowo* mkhomo ungahle ungakwazi ukukwenza, kodwa uma uqaphela, uNkulunkulu uwulungiselele *lona.* Lona kwakuwuhlobo olukhethekile, wawungaphonsa sonke isikebhe emphinjeni wawo, mhlawumbe." Niyabo? UNkulunkulu walungisela uJona inhlanzi, niyabo, wawakhiwe ngokukhethekile, wakhelwe ngokuyalwa, ukugwinya umprofethi. Futhi yena . . . Futhi kwaba . . . "Ayikho into enjalo . . . " Abantu . . .

75 Kancane . . . Akuyona indawo yokwenza ihlaya, kodwa ngi— bengi . . . Intombazanyana yayisindisiwe, futhi yayikhuphuka ngomgwaqo imemeza kakhulu, "Mayibongwe iNkosi," futhi icula, izinwele zayo ezincane ezidonseleke ngemuva, nobuso bayo bucwebezela njengo-anyanisi ohlutshiwe, yayinesikhathi esikhazimulayo.

Umphikinkolo wayemi ekhoneni, wathi, "Kwenzenjani?"

Yathi, "Ngisindisiwe, ezansi *lapho*, esikhashaneni esedlule. Mayibongwe iNkosi."

Wathi, "Yini onayo phezu kwenhliziyo yakho?"

Yathi, "IBhayibheli."

Wathi, "Ngiqagele uyalikholwa."

Yathi, "Impela, ngiyaLikholwa."

Wathi, "Uyayikholwa leyondaba phakathi lapho ngoJona na?"

Yathi, "Impela, ngiyayikholwa leyondaba ngoJona."

Wathi, "Uyakukholwa ukuthi—ukuthi uJona wagwinywa umkhomo na?"

Yathi, "O, yebo. Uma iBhayibheli lasho—lasho ukuthi uJona wagwinya umkhomo, ngingakukholwa." Futhi wathi . . .

"O," wathi, "uzokufakazisa kanjani ngenye indlela ngaphandle kokukholwa na?"

"Ngani," yathi, "uma ngifika eZulwini ngizovele ngikhuphuke futhi ngikhulume noJona ngakho."

Wathi, "Khona-ke kuthiwani uma uJona engekho lapho na?"

Yathi, "Khona-ke kuzomele umbuze." Ngiqagele lokho kwakwenele. Yebo. Ngakho lowo mntwana omncane . . . Kodwa nokho uNkulunkulu uyakwazi.

76 Ngakho uJona waphonswa ngaphandle komkhumbi, futhi umkhomo uzingela emanzini ukuthola ukudla kwawo, wamgwinya uJona. Futhi noma ubani uyazi, njengokuphakela inhlanzi yakho esagolide, lapho inhlanzi encane idla futhi

igcwalisa isisu sayo esincane, yehlela phansi ngaphansi kwembiza, lapho oyingenise khona, isitsha esincane, futhi iphumuza izigwedli zayo ezincane ngaphansi, iyadla, iyaphumula. Nalenhlanzi, ngenkathi igwinya lomshumayeli, futhi yehlela ngaphansi olwandle ukuze iphumule. Angazi ukuthi kwakujule ngamafathomu amangaki, kodwa yayilele phansi lapho.

77 Futhi ngingathanda ukukhuluma ngalokhu manje. Uyazi u—uthola abantu abaningi kakhulu abathembele ezimpawini, "Awu, ngakhulekelwa, nginesandla esikhubazekile, ngakhulekelwa, kodwa, ngi—ngiyamkholwa ngempela uNkulunkulu, kodwa isandla sami asingcono." Asisoze saba ngcono inqobo nje uma ubheka leso sandla. Niyabo, ubheka into engesiyo, ufanele ubheke isithembiso saKhe.

78 Esikhathini esithize esedlule, abadala, abashadikazi abadala beza futhi befuna ngize ngikhulekele umfana wabo, wayefa uklilo omnyama. Futhi angizange. . . angikwazanga ukuhamba. Futhi waqhubeka elindile, futhi ngemva kwezinsuku ezimbalwa umfo omdala wathi, "Umfana wami uyafa manje." Futhi ekugcineni, ngemva kwenkonzo ngahamba.

79 Udokotela akavumanga ukuthi ngingene, futhi wathi, "Qha, unabantwana, futhi angikwazi ukukuvumela ungene ngoba lowo klilo uyathelelana." Futhi wathi, "Ubungeke umsize ngalutho."

80 Futhi mina, ngikhuluma nendoda, ngathola ukuthi yayiyiKatolika. Futhi ngathi, "Ukuba umpristi ubelapha. . . Ukuba—Ukuba lowo mfana ubengumKatolika, futhi—futhi lobaba wayefike wangithola, futhi ngangingumpristi. . . "

Wathi, "Lokho kwehlukile," wathi, "uyabona, umpristi akashadile."

Ngathi, "Ungamvumela ukuthi angene athathe. . . mnike imikhuba yokugcina, ubungeke na?"

Wathi, "Yebo, kodwa umpristi akashadile, unabantwana."

81 Ngathi, "Uma ngizithathela umthwalo na? Ngizosayina iphepha, ngizothatha umthwalo." Ekugcineni, ngamvumisa, wangigqokisa njengeKu Klux Klan, nalo lonke uhlobo lwezinto kimi, wase engithumela lapho okwakukhona lomfana.

82 Manje, kwangena e, inhliziyo, kukhona okungalungile ngenhliziyo yakhe. Umshini wokubonisa ukushaya kwenhliziyo wabonisa ukuthi yayehle kakhulu, futhi ishaya *izikhathi eziningi kakhulu* ngomzuzu. Futhi umama omdala nobaba bema lapho, eceleni komfana, ngaba ohlangothini olulodwa lombhede nabo kolunye, nomhlengikazi omncane wema lapho esibhekile, inenekazi elincane elibukeka kahle cishe, o, ngiqagele, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ubudala. Futhi ngakho ngabeka izandla zami phezu komfana, futhi ngakhuleka, futhi nje ngacela umkhuleko owejwayelekile.

83 Futhi lapho sengithi, “Amen,” ubaba omdala wadumela umama wase eqala ukumgona, naye. . . bagonana. Bathi, “O, Mama, akumangalisi yini? Akumangalisi yini? Siyabonga, Nkosi Jesu, ngokuphulukisa umfana wethu.”

84 Umfana wayemubi njengoba ayekade enjalo, futhi bavele basula izinyembezi emehlweni omunye nomunye futhi bavele badumisa uNkulunkulu. Futhi lowomhlengikazi omncane, emi lapho, wayengakuqondi lokho, futhi wathi, “Mnumzane, konke kulungile, ngiyacabanga,” wathi, “Angiyena owenkolo yakho, kodwa. . . uhlobo lwenkolo yakho,” wathi, “kodwa ngifuna ukukubuza okuthize. Ungakwenza kanjani lokho, wena, nomama walomntwana nenza kanjalo, nalowo mfana elele lapho efa na?”

Wathi, “Medemu, umfana akafi.”

“Ngani,” wathi, “ubekwi-khoma izinsuku ezintathu.”

85 Futhi uhlobo oluthile lomshini lapho lwabonisa ukuthi lesi sandla sake sawela kude *kangako*, akuzange, emlandweni wezokwelapha, asizange sibuye futhi. Ubaba omdala, angisoze ngakukhohlwa, wasula amehlo akhe, wayeseya ngale, wayesebeka izandla zakhe ehlombe laleyo ntombi, wathi, “Mntwana,” wathi, “ufundiswe ukubuka lowomshini, yilokho kuphela owaziyo ngakho, nguku ‘Qaphela lowomshini.’” Wathi, “Lokho—lokho ngukuthi. . . Okwaziwa yilowo mshini wukusho ukuthi kwenzekani *lapha*. Yiqiniso lelo.” Wathi, “Ubheke lowomshini, kodwa ngibheke isithembiso esenziwa nguNkulunkulu.”

86 Kuncike kulokho okubukayo. Lowo mfana ushadile futhi unabantwana ababili. Niyabo, kuyakhombisa nje. Niyabo? Walala kanjalo ezinye izinsuku ezimbili noma ezintathu, kodwa waphuma ngqo waphila. Niyabo, kukhombisa nje ukuthi yini oyibukayo. Ufanele ubone lokho okubukayo. Ungabuki izimpawu zakho.

87 Uma noma ubani wayenezimpawu, uJona wayenazo. Manje, khumbulani, wayesesiswini somkhomo. Ake sithi wayejule ngamafathomu angamashumi amabili phandle lapho olwandlekazi, izandla zakhe ziboshwe ngemva kwakhe, izinyawo zakhe ziboshiwe, nasesiswini somkhomo, elele ebuhlanzweni bomkhomo esiswini sawo, ukhula lwasolwandle luzungeze intamo yakhe. Manje, lokho kuyizimpawu ezithile ngempela. Wayebuka *ngapha*, kwakuyisisu somkhomo, nga*leyo*ndlela kwakuyisisu somkhomo, yonke indawo ayebheka kuyo kwakuyisisu somkhomo. Manje, lokho yizimpawu ngempela. Akukho noyedwa kini omubi kangako kulobubusuku, ngiqinisekile, kunjalo, omubi kangako. Yonke indawo lapho ayebheka khona kwakuyisisu somkhomo.

88 Kodwa niyazi ukuthi wathini na? “Bayize lamanga, ngeke ngibakholelwe.” Wathini na? “Ngiyakuphinda ngibheke

ethempelini laKho elingcwele," waphenduka ngomhlane wakhe, futhi wabhekana, ngakho konke ayengakwenza, ebheke ngasethempelini.

89 Ngani? Lapho uSolomoni enikezela lelo thempeli, wakhuleka ngalolosuku, ngenkathi iNsika yoMlilo ingena futhi yehla emva kweNdawo eNgcwelengcwele, uSolomoni wakhuleka, wayesethi, "Nkosi, uma abantu baKho besebunzimeni noma kuphi, futhi babheke ngakulendawo engcwele, bese uzwa kuvela eZulwini," futhi wakukholwa.

90 Futhi uNkulunkulu wenza okuthize, angazi ukuthi Wenzeni. Angahle ukuba wafaka ithange lomoyampilo esiswini salowomkhomo, angazi ukuthi Wenzeni. Wamgcina ephila izinsuku ezintathu nobusuku, futhi wamehlisa endleleni yakhe, lapho ayemelwe ukuya khona.

91 Futhi uma uJona, ngaphansi kwalezozimo, engakholwa emkhulekweni owenziwa yindoda eyahlubuka kamuva, ngenxa yabesifazane, njengoSolomoni, wakholwa ethempelini elakhiwe ngezandla zabantu, bekufanele kube kakhulu kangakanani thina, kulobubusuku, sibheke kuKristu, Ohlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, ngeGazi laKhe uQobo lenza isinxuselo phezu kokuvuma kwethu! Besifanele sikukholwe kanjani! "Lutho, akukho zimpawu, okumi endleleni, ngibheke esithembisweni sikaNkulunkulu ukuthi Wathi Uyokwenza." Yilyonto kuphela, buka lokho. Wayelapho-ke.

92 Ngafunda indaba kukho ngesinye isikhathi, bonke abantu baseNineve babengabahedeni. Abahedeni ngokuvamile bakhonza izilwane nokuphila. Le ezansi lapho eNingizimu Melika, ngibaqaphelile benza umdanso wekhangaru. Babenomdanso, uhlobo oluthile lwephathi, futhi bonke badansa njengekhangaru, ngoba yilokho abake bakubona, ikhangaru nje. Ngakho babezoyidla ikhangaru ngokuqondile, futhi bayiphonsa emlilweni futhi bayishica kancane. Futhi, o, ukuthi bakwenze kanjani, angazi, ngangingalambile. Ngakho-ke, noma kanjani, bona . . . indlela ababedansa ngayo njengomdanso wekhangaru. Bakanjalo . . .

93 Futhi uyababona bedlula e-Afrika, banazo zonke izinhlobo zezinto ezincane ezibukeka zixakile zezilwane, ezifafazwe ngegazi. Awu, yilokho abakholelwa ukuthi nguNkulunkulu.

94 Futhi manje sithola ukuthi lababantu, ezansi lapho eNineve, nabo babekhonza izithixo, futhi unkulunkulu wabo wolwandle kwakungumkhomo. Ngakho wonke amadoda, umsebenzi owawungasolwandle, ayengabadobi, umsebenzi omkhulu. Futhi kwakuwukuthunyelwa kwamanye amazwe okukhulu lapho kwezinhlanzi emhlabeni ngalesosikhathi.

95 Ngakho-ke, i . . . bonke abadobi babephandle lapho ngezikhathi zasemini ngolunye usuku, bedoba, bedonsa amanetha abo. Futhi khona manjalo unkulunkulu wenyuka

ephuma olwandle, unkulunkulu womkhomo, wagijima wafinyelela ogwini, futhi wakhipha ulimi lwawo, nomprofethi ufika ehamba ephuma ngqo olimini lomkhomo, ephumela emhlabathini ngqo. Akumangalisi ukuthi baphenduka. Amen.

96 UNkulunkulu uyakwazi ukwenza izinto. Nokho, ngobulula bakho uNkulunkulu uyazi ukuthi kwenziwa kanjani. Niyabo? UJona akazange ahlubuke, wayelandela nje ukuhola kukaMoya, yileyondlela yokwenza abantu baphenduke. Yena...Futhi wehla wadabula ngqo emzini, wathi, "Uma ningaphenduki, ezinsukwini ezingamashumi amane le ndawo izocwila." Yilokho kuphela. Niyabo, bebengenza kanjani noma yini ngaphandle kokuphenduka na? Ngoba yena kanye unkulunkulu wabo wakhafula umprofethi. Babazi ukuthi wayenoMlayezo. Lowo kwakungunkulunkulu wabo, ngakho bona...Wavele wakukhafula.

97 UNkulunkulu wethu unguKristu, amen, futhi Wethumela uMoya oNgcwele. Kungani singakukholwa na? Yini, ngiyazibuza. Lapha Wabonakaliswa enyameni, nango Emile, futhi Wathi, "Futhi abantu baseNineve bazosukuma ngosuku lokugcina kanye nalesisizukulwane, basilahle, ngoba baphenduka ngokushumayela kukaJona; futhi lapha kukhona omkhulu kunoJona." Khona-ke Mceleni isibonakaliso!

98 Khona-ke Uyaqhubeka nokusho, cishe ngaleyonkathi, ukuthi uNkulunkulu...Kuzo zonke izizukulwane, bakwethu, noma nini lapho uNkulunkulu ethumela isiphiwo emhlabeni, futhi abantu basemukele, lowo ngunyaka wegolide walesosizukulwane, kodwa lapho besenqaba, yisiphithiphithi kulesosizukulwane.

99 Manje, ukuba-ke, kulobubusuku, uma abantu baseMelika, abazisho ukuthi bayisizwe samaKristu, kuthiwani ukuba sonke thina, esizisho ukuthi singamaKristu, singasemukela iSipho sikaNkulunkulu Asithumela kithi, uMoya oNgcwele na? Bekungeke yini kumangalise na? Ngani, besingayeka ukwenza imicibisholo ejikejelwayo. Ngani, bekungeke kube khona lutho emhlabeni oluke lusilimaze. Abakwazanga, sinesivikelo, uMoya oNgcwele uphezu kwethu. Impela. Ngeke sidinge lutho olunye ngaphandle kukaMoya oNgcwele, uma abantu bebengamane bemukele iSipho uNkulunkulu abathumele sona, futhi lowo nguMoya oNgcwele.

100 Kodwa elinye ibandla liyokwehluka kwelinye, futhi *leli* lithi, "O, ayikho into okuthiwa nguMoya oNgcwele, lokho kwakungokwabafundi." Futhi kuyiSipho khona manje, ngeseBandla, futhi manje yizinsuku zokugcina.

101 Kungani, awudingi ukukhuluma ngezindawo zokukhosela zamabhomu. Abantu bamba ngaphansi komhlabathi njengezimvukuzane, bezama ukubalekela ibhomu le-athomu. Uzokwenza kanjani na? Ngani, ayobhoboza imbobo

emhlabathini cishe imayela ukushona kanye namamayela ayikhulu namashumi amahlanu isikwele. Awu, ukuba ubungamamayela angamashumi amahlanu ngaphansi komhlaba, kuthi ngqu ngaphansi ko—ubindiza olushisayo, ukungqangqazela kwakho bekuyophula wonke amathambo emzimbeni wakho. Ayikho nhlobo indlela yokuphunyuka, indlela eyodwa kuphela, kodwa sinendawo yokukhoselela amabhomu, ayenziwanga ngensimbi, kodwa yenziwe ngezimpaphe, ngaphansi kwamaphiko aKhe siyaphumula. Amen. Futhi ayikho phansi *lapha*, kuphezulu *lapho*. Ufika ngaphezu kwayo, lapho uhamba ngomkhumbi ungena. . . ugwedlele esifubeni saKhe. Impela. Yilokho ukuphunyuka.

102 Ake ngiqathaze lokhu phakathi. Ngethemba ukuthi iwashi lami ngeke likhale ngokushesha kakhulu. Kodwa bukani, lalelani, abantu, namhlanje, bakwesabela ukufa ubukhomanisi. Ngiyanidabukela. Awu, nibesabani ubukhomanisi na? Ngifuna noma yisiphi isazi sezenkolo, noma yisiphi isazi seBhayibheli ukuba singibonise lapho ubukhomanisi buyobusa khona umhlaba. Ngiyanitshela, ubuRoma buzobusa umhlaba, ngokweBhayibheli.

103 Ungabheki ngalokho. Ungawabheki amakhethini ensimbi namakhethini oqalo, kodwa bheka ikhethini elinsomi, yilona elizokuthola. Ungalokothi ukhathazeke ngalokho. Lokho. . . Vele umake phansi lokho, bese uthi, "UMfowethu Branham ukushilo," futhi ukufake eBhayibhelini lakho, futhi ubone ukuthi kulungile yini.

104 UbuKhomanisi abulutho kodwa ithuluzi esandleni sikaNkulunkulu, lidlala phezulu ngqo. Ngani, ngeke kulinganiswe nalutho. Kunjalo impela. Ungesabi ngalokho, lokho kuyinto ethile engakukhipha endleleni yokubheka. Kodwa abafundi beBhayibheli, nabantu abathanda uNkulunkulu, bahlala kulokho okushiwo iBhayibheli. Impela. Bheka nje lokho.

105 Manje, angeke sisamukele iSipho sikaNkulunkulu kulesisizwe, lesisizukulwane, basaLile. Abantu abakholelwa kuSo babizwa ngezinhlanya, abangahlakahlile emakhanda, abagingqiki abangcwele, nakho konke okunye, badelelekile futhi balahlwa, lokho nje umBhalo owathi bayokwenza, "Amambuka, abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebayo, abangazithibiyo, abazonda abalungileyo; banesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika." Kuyilokho impela uMoya oNgcwele owathi kuyokwenzeka ngezinsuku zokugcina, futhi silapha, bangane, silapha impela.

106 Eminye imiBhalo eminingi ebesingayibophela nakho, ake siqhubekele kwenye into, lokho uJesu akusho lapha. Futhi njengasezinsukwini zika-. . .Ezinsukwini zikaSolomoni,

uNkulunkulu wathumela isipho phakathi kwabantu baKhe. Futhi kwaba khona isikhathi esisodwa abakwemukela ngaso, bemukela uSolomoni, isiphiwo sokubona okufihlakeleyo. Futhi ngenkathi ukubona okufihlakeleyo kwakuphezu kukaSolomoni, wonke umuntu wayenhliziyonye futhi ekuvumelana kunye. Konke. . . Ngani, zonke izizwe zesaba. Babengenayo impi. Bona—ababanga nazimpi ngokuba babesaba u-Israyeli, hhayi kakhulu isizwe, njengoba kwakunguNkulunkulu ababemkhonza. Babenhliziyonye futhi bekuvumelana kunye, futhi bonke bahlanganyela kulesosipho. O, ukuthi bonke babekuthanda kanjani, futhi wonke umuntu ekhuluma kahle . . .

107 Bekungeke yini kumangalise uma wonke umKristu, kulobubusuku, eMelika, bonke bebengahamba bakhulume ngoMoya oNgcwele, nokuthi Umangalisa kanjani, futhi baglo-. . .? Ngani, ngiyanitshela ukuthi bekuyoba . . . Ngani, bekungeke kwenze amaphephandaba yonke indawo na? Futhi izingcingo beziyosha ngokuthumela izindaba. O, bekungaba ngokumangalisa kanjani! Kodwa ngeke bakwenze. Niyabo? Kodwa o, ukuba nje besingabutha iziphiwo zikaNkulunkulu, uMoya oNgcwele!

108 Manje, sithola ukuthi wonke umuntu, ngalolosuku, wabuthana. Futhi uNkulunkulu wenza lomuntu, owayenalesisiphiwo phezu kwakhe, inkosi. Ngani, niyazi, izindaba zisakazeke yonke indawo, abantu bangenisa imihlambi yezimvu, bangenisa izinkomo, negolide, nakho konke, futhi babasiza. Babezama ukuthola ukuthula nabo, yilokho ababezama ukukwenza, ngoba babazi ukuthi uNkulunkulu ophilayo wayenabantu abaphilayo, futhi babekwazi lokho.

109 Manje, qaphelani ukuthi kwenzekeni. Izindaba zasakazeka, lezozinsuku ezadlula, ngiyambonga uNkulunkulu, babengenayo ithelevishini, kodwa babeno*kukhuluma umlomo nomlomo*. Futhi i—amakharavani ayedlula futhi aye ndawana thize, futhi babekhuluma ngakho. Futhi emva kwesikhashana izindaba zifika le ezansi eSheba. Phawula ebalazweni lakho ukuthi kukude kangakanani ukusuka eJerusalema kwehle kuya eSheba.

110 Babenendlovukazi ezansi lapho, umhedeni omncane, indlovukazi engumhedeni. Futhi abantu beza futhi babenikeza ubufakazi balokho okwakwenzeka phezulu ePalestine. Futhi, "Ukukholwa kufika ngokuzwa iZwi likaNkulunkulu."

111 O, lelinenekazi elincane lagcotshelwa ukuPhila okuPhakade. Futhi kwathi nje lapho likuzwa lokhu, kukhona okokhela umlilo enhliziyweni yalo encane yobuhedeni, laqala ukuzibuza ngalokho. Ikharavani elandelayo iyadlula, alikwazanga ukulinda, lathola abathenwa balo ukuba baphume, futhi babathole, futhi babangenise.

"Ufike ngayiphi indlela na?"

"Sivela enyakatho."

"Ingabe nedlule ngasePalestine na?"

"Yebo. O, ngiyazi ukuthi uzongibuzani, ngoNkulunkulu wabo."

"Yebo, kunjalo. Ingabe ukubonile na?"

112 "Ngakubona, kuyiqiniso. Ngani, bayithanda kakhulu leyondoda, bayenza inkosi. NoNkulunkulu wabo, banoNkulunkulu ongaphezu kwemvelo oZibonakalisayo ngalowomuntu ngqo."

113 Manje, noma ubani uyazi...Ngizovala lokhu nje, umzuzu, impela nje—isikhathi ngempela. Ngi...Ingabe kulungile na? Umzuzwana nje? E-hhe. Noma ubani uyazi ukuthi ukukhonza kwabahedeni kuyini, abahedeni bakhipha isithixo, umpristi usilethela iwayini, udla kulesisithixo, bese-ke ephumela ethempelini, ukhothama phambi kwalesisithixo, ulokhu ezisebenza kanjalo, aze akholelwe ukuthi uyasizwa leso sithixo sikhuluma naye. Manje, lokho kungukukhonza kobuhedeni ngokoqobo. Nina bazalwane niyakwazi lokho ngokuthatha umlando.

114 Manje, bukani ukuthi uNkulunkulu wenza kanjani. Ujika abuyele emuva, futhi angakwenzi...Niyabo, bacabanga ukuthi i—impilo, umoya, obufanele ukuba yikho, ongowalesosithombe ngempela, ungena kulesosithombe futhi ubaphendule. Ngani, kwashiwo ukuthi abahedeni, ezikhathini zakudala, babekhothama ngendlela yokuthi, bazisho ukuthi babezwa onkulunkulu bekhuluma ngalezozithixo.

115 Kodwa bhekani ukuthi buhluke kangakanani ubuKristu, bungukugcona kanjani lokho kukho na? UNkulunkulu akasithathi isithixo, Uthatha umuntu. Futhi uma umuntu ezokhothama yena uqobo eBukhoneni bukaNkulunkulu, uNkulunkulu Uzifaka kumuntu, futhi umuntu uba isidalwa esiphilayo uNkulunkulu aphila kuso, hhayi isithixo esifile, kodwa umuntu.

116 UNkulunkulu akazange asebenzise izithixo, Wayesebenzisa umuntu ngaso sonke isikhathi. UNkulunkulu akasebenzisi imishini, imishini esebenza ngemishini. Kungukuthi... Usebenzisa umuntu, abantu ngabanye. Uxolo, bengingahlosile ukuklabalasa kanjalo. Qaphelani, angijabule ngokweqile nokho, ngiyazi khona ngqo la ngikhona. Kunjalo. Ngizizwa ngikahle nje.

117 Qaphelani, khona-ke loNkulunkulu wayehlile, uJehova omkhulu, futhi waZibonakalisa ngomuntu, ukuthi bazi ukuthi kwakungaphezu komuntu, kwakukhona okuthize ngaye okwaku—okwakwehlukile. Futhi abantu bonke bakhonza uNkulunkulu, futhi bamkholwa uNkulunkulu, futhi bakha ithempeli, benze izinto ezinkulu ngalolosuku.

118 Qaphelani, lendlovukazi encane iqala ukuzwa ngakho, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa." Inhliziyo yayo encane iqala ukushaya ngokushesha, kumele ikhuphuke ikubone. Ngakho emva kwesikhashana abaningi kangako beza befakaza, wonke umuntu esho ukuthi labobantu babenhliziyonye futhi bekuvumelana kunye kanjani, kwakungekho mehluko kubo, kwakungekho noyedwa owayehamba hamba bese ethi, "A, akayena owami, u—ungumFarisi. Angicabangi . . . NgingumSadusi." Lutho kwalokho, babenhliziyonye futhi bekuvumelana kunye. Yileyondlela ofanele ube ngayo.

119 O, ukuba amabandla ethu ebengaba ngaleyondlela, bazalwane! Uma amabandla ethu, ukwehluka kwethu, bekungaba nje . . . Kulungile, kulungile inqobo nje uma ukholwa, futhi unoNkulunkulu, futhi ube namabandla akho—akho, nezinto, kodwa o, asibe kuvumelana kunye, indoda yinye, ama *Phambili mabutho angamaKristu* okukodwa, ubunye nje obubodwa bukaNkulunkulu kumasha kuya ekunqobeni, kwamukela konke okuza ngeGama leNkosi, lelo yiZwi leNkosi elethembisa ukusithumela. Kukholwe, yenza okuthile ngakho.

120 Manje, into yokuqala uyazi, inhliziyo yakhe encane yashaya ukuze nje angabe esakwazi ukuhlala . . . wayengakwazi ukulala ebusuku. Kwadingeka nje ayokubona.

121 Kukhona *okuthile okunye* lapho uzwa ngoNkulunkulu. Umuntu uyazi ukuthi uvela ekhethinini elimnyama, ndawana thize ngale kwalapha. Bayazi ukuthi lapho efa, ubuyela emuva ngalelokhethini. Wavelaphi futhi wayaphi na? Umuntu ubelokhu elangazelela ukubona ukuthi yini engemuva kwalelokhethini. Impela. Ngakho-ke lapho ebona okuthile kuphakama ngemuva kwalelokhethini, futhi kubonise into ethize ethenjisiwe evela laphaya, kufanele kuyithokozise ngokweqile inhliziyo yakhe.

122 Qaphelani, ngakho lona wesifazane omncane, waye . . . inhliziyo yakhe iqala ukushaya ngamandla. Manje, wayenezinto ezithile okufanele azenze ngaphambi kokuba ahambe. Manje, into yokuqala okwakufanele ayenze kwakungukuba ayothola imvume ebandleni lakhe ukuba ahambe aye phezulu lapho. Manje, leyo kwakuyinto enzima ukuya kumpristi ongumhedeni. Sengiyambona, lapho e . . . wakhuphuka, futhi—futhi wakhothama kuye, futhi wambiza ngokuthi, noma yini ayenza, u "Fata oNgcwele," noma ngabe kwakuyini, wenyukela kuye, wakhothama, naye wakhothama. Futhi yena . . . wayeyindlovukazi yezwe.

123 Wathi, "Ngiyaqonda, ngamakharavani nokunye nokunye, futhi abanye babo bangilethele imiBhalo egoqwayo ezansi evela enhla ePalestine, ukuthi banomhlangano omkhulu enhla lapho. Futhi kukhona indoda enhla lapho egcotshwe nguNkulunkulu wabo, nokuthi uNkulunkulu wenza ukuPhila kwaKhe uQobo

ngalowomuntu. Mnumzane, ONgcwele, ngithanda ukuhamba ngiyobona."

124 Ungamcabanga emnikeza imvume na? "Asibambisani nalowo mhlangano enhla lapho." O, impela, zonke izinhlobo zamagama bezingafika. "Manje, uma kukhona obekuqhubeka, bekuzoqhubeka khona lapha, ebandleni lakho uqobo. Futhi emva kwakho konke, lokho nje isigejane salutho. Sezwa ngabo bewela izilwandle nakho konke kanjalo, kodwa yisigejane sabagingqiki abangcwele, noma," uxolo, "izinhlanya, noma okuthize, niyazi, enhla lapho. Bona...Akukho lutho ngakho. Ungakukholwa, akukho lutho kukho. Uma kukhona okuzoqhubeka, kuzoqhubeka khona lapha, phakathi kwebandla lakho uqobo. Khona lapha bekungaba khona. Uma kukhona noma yini—noma yini unkulunkulu angayenza, unkulunkulu wethu ubengayenza."

125 Ngiyayibona leyo ndlovukazi encane ihlehlela emuva, ithi, "Mnumzane, kodwa ngifuna ukuhamba, ngifuna ukukholiseka." Ngiyaluthanda loluhlobo lwesibindi. "Ngifuna ukukholiseka. NginemiBhalo yabo egoqwayo lapha, Ngifuna ukuhamba ngiyobona uma lowoMoya, okuleyondoda, uyilokho impela lemiBhalo egoqwayo eshoyo ukuthi uNkulunkulu uyikho. Ngakho-ke, uma kunjalo, Yilowo Nkulunkulu ekhuluma ngomuntu."

"Manje, bheka lapha! Nangu unkulunkulu omkhulu uDagoni, nangu unkulunkulu omkhulu u*S'bani-bani*, uJupiter, unkulunkulu welanga, nabo bonke laba abanye esinabo ngalapha."

126 Ithi, "Yebo, ukhokho kakhokho wami wabakhonza, ugogo wabakhonza nabo bonke, umama wabakhonza. Futhi benzeni na? Bayizithixo eziyizimungulu, angikaze ngibezwe bekhuluma izwi noma benza utho."

127 Kucishe kufane nezinye zalezi zivumokholo eziyisimungulu esizikhonzayo namuhla, nokunye nokunye, nezinto ezingasenampilo kukho...Bakhuluma ngoNkulunkulu, uNkulunkulu owayekhona, futhi athumele umfana esikoleni, futhi umfundise ukuba abe ngumfundisi, futhi umtshele ngoNkulunkulu womlando. Usiza ngani uNkulunkulu womlando wayizolo uma engeyena uNkulunkulu ofanayo namuhla na? Uma uNkulunkulu ogcwele umusa ebekwazi ukuhlangabezana nezidingo zabantu izolo, uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje, UnguNkulunkulu ompofu, Ubheka ibala lomuntu.

128 Kusiza ngani ukondla inyoni yakho eculayo zonke izinhlobo zamavithamini amahle ukwenza amaphiko amahle aqinile namathambo amakhulu asindayo, futhi uyifake esibiyelweni ukuze ingakwazi ukundiza na? Into efanayo nokuxosha umuntu, futhi athathe lonke uhlobo lwesikole, nakho konke, futhi

afunde ukuthi uNkulunkulu oyedwa wayeyini, nalokho konke Akwenza, nakho konke Akwenza lapho, kodwa-ke uphenduke futhi umtshele, "Izinsuku zezimangaliso sezedlule, ayikho into enjalo." Lokho akuhlakaniphile ngisho kimi.

129 Ngakho leyo ndlovukazi encane yayingathi, "Ngizwile ngabo bonke labonkulunkulu, ngizwile ngazo zonke lezozinto, kodwa angikaze ngibone umnyakazo wokuphila kubo. Angikaze ngiyibone neyodwa into eyenziwayo ukwenza njengonkulunkulu noma lutho olunye."

"Awu manje ake ngikutshele okuthile, ndodakazi yami. Uma ukhuphukela lapho . . . Uyindlovukazi yethu, awukwazi ukuya phakathi kwesigejane sabantu abanjalo, abayiziphukuphuku."

130 Ngingahle ngisho futhi, kuyangishisa noma ikanjani. Bengikade . . . Umalokazana wami nomkami bebesedolobheni elisezansi namhlanje ekuseni, futhi bebethenga izinto ezithile esitolo. Futhi inenekazi lathi, "Kukhona inenekazi ngaphesheya komgwaqo lapha, ukusuka kimi, umyeni walo unebhizinisi ngapha. Belikhuphukele kulowomhlangano, laphaya, ngobunye ubusuku. Futhi lalinohlobo oluthile lwento emlenzeni walo, futhi kwakuyi . . . Leyondoda epulpiti yayitshela lowo wesifazane ngalokho, futhi niyazi ukuthi kwahamba, futhi kwamthokozisa ngokweqile kwathi akafe."

Umalokazana wami wathi, "Ubabezala wami lowo." Wathi, "Ubabezala wami lowo." Wathi, "Ingabe uke waba phezulu na?"

Wathi, "O, qha, angikwazanga ukukhuphuka."

Wathi, "Awu, kungani ungakwazi ukukhuphuka na?"

Wathi, "Umyeni wami uyidikoni kwelinye lamabandla amakhulu lapha edolobheni, Angikwazanga ukuzulazula nesigejane sabantu abanjalo."

Wathi umalokazana wami, "Kodwa wamukelekile ukuthi uze noma kanjani."

131 Khona-ke ukhuluma ngezibongo! Ngani, wena umpongoloza ngeKatolika! Ngani, uyinto efanayo, niyabo, kufana nse nje; ibhodwe alikwazi ukubiza igedlela ngokuthi limnyama. Uyazi ukuthi lokho kunjalo. Ngani, kuyinto efanayo, impela, ngoba akuyena uNkulunkulu oyedwa uBaba wethu sonke na?

132 Kungani amahlelo ethu engasihlukanisa na? Kungani umfundisi othile, eneziqu ezithile zasekolishi, engazama uku—ukugcina owesifazane, okudinga ngempela ukuphulukiswa emzimbeni wakhe, ukuba avele endaweni futhi aphulukiswe nguNkulunkulu athi uyamazi na? Yilokho engizibuza khona.

Mfowethu, leyondlovukazi encane yaqalaza lokho futhi yathi, "Kodwa bengilokhu ngizwa ngakho konke lokhu, kodwa angikaze ngibone lutho namanje."

"Awu, uma uhamba, sizokuxosha."

133 "Awu, usungamane unginike amaphepha ami manje, ngoba ngiyahamba." Niyabo, ngenkathi uKristu eqala ukuhamba enhliziyweni, sekuhambile. Yilokho kuphela. Ngakho-ke khumbula ukuthi kuningi okwakumele kubhekane naye, kuningi ayenakho. Manje, ulahlekelwe ubulungu bakhe.

134 Futhi enye into, wathi, bengicabanga ukuthi bekukuhle kakhulu, wathi, "Uma lokho kuyiqiniso, kufanelekile ukusekelwa." Ngakho wabutha imali eningi, impepho, igolide, isiliva, nemure, wakubeka emakameleni. Kepha kwakuyilona umcabango wakhe, ngiyakholwa, "Uma kuyiqiniso, ngizokusekela; uma kungenjalo, ngingabuya nengcebo yami ngqo." Wayengafundisa abantu bePentecostal okuthize, besekela izinkonzo zomsakazo, phandle lapha, ezingenza inhlekisa futhi zihleke yona kanye inkolo eniyimele, kunjalo, nebandla lakho uqobo lihlupheka ngenxa yokweshumi obungathanda. . . obekufanele ngabe uyabanikeza, yebo, mnumzane, ngoba nje banohlobo oluthile lwegama elikhulu noma into ethile enjalo.

135 Awukaze ufunde izinto zikamoya okwamanje na? Simele. Kunjalo. Sifanele sifunde ukuhlukanisa umoya ukuze sibone ukuthi uvelaphi. Manje, lokho akusilo ubisi olukhishwe amafutha nokhilimu, manje, uma ungaluncibilikisa.

136 Qaphelani manje, lona wesifazane omncane, wathi, "Ngizokusekela uma kulungile. Uma ku—uma kulungile, kufanelwe yiyo yonke into, uma kungalungile, akulungile nhlobo." Ngakho wayengakwazi ukubuya nezipho zakhe.

137 Manje khumbulani, wayenendlela ende okufanele ayihambe, futhi wayengakwazi ukuhamba. . . Kwadingeka anqamule oGwadule LwaseSahara, hhayi ngeCadillac enesiqandisa moya, kodwa emhlane wekameli. Niyazi ukuthi kuthatha isikhathi esingakanani ukuthi ikharaveli isuka lapho ayekhona uya ePalestine na? Kwabathatha izinyanga ezintathu, izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye, esemhlane wekamela. Akumangalisi uJesu athi uyovuka ngoSuku lokwaHlulelwa futhi asilahle lesisizukulwane. Abanye abantu ngeke bahambe ngapheseya komgwaqo ukuze babone into efanayo. Kunjalo.

138 Futhi enye into, khumbulani, amadodana ka-Ishmayeli ayengabaphangi ogwadule. Futhi wayeneqembu elincane lamasosha, abathenwa. Kulula kangakanani ukuba bawele kuye, futhi babulale labobathenwa abancane, futhi bathathe ingcebo yakhe, futhi baqhubeke.

139 Kodwa uyazi, uma uzimisele ukubona uNkulunkulu, uNkulunkulu uzokwenzela indlela, futhi akukho ukwesaba nhlobo mayelana nalutho. Unempumelelo eyodwa nje, umcabango owodwa, isisusa esisodwa, inhloso eyodwa, futhi lokho ngukuthi "Finyelela kuNkulunkulu." Futhi uma uNkulunkulu ekhulume kuwe, uzohamba, angikhathali

ukuthi kwenzekani. UNkulunkulu uzokwenzela indlela yokuba ukwenze, uma ngempela ugxilise okwehange futhi wazi ukuthi ukhuluma ngani. Futhi wenza.

140 Wabutha izincekukazi zakhe ndawonye nabathenwa bakhe futhi bagibela amakamela bonke. Futhi wahamba, mhlawumbe, ebusuku, kwakushisa kakhulu ogwadule. Sengiyabonga emini, ehlezi phezulu phansi komthunzi ndawana thize, endaweni ethile enamanzi ogwadule ngaphansi kwezihlahla, ethatha leyomiBhalo egoqwayo futhi eyifunda ukuze abone. Wayefuna ukwazi, lapho efika lapho, ukuthi kwakungokomBhalo yini.

141 Futhi lapho efika, akazange eze njengoba abaningi bethu beza lapha. Sizoya emhlanganweni kanye, "Komakhelwane... Nginomakhelwane omuhle, uhlala ezansi lapha, basimemile, ngakho sizodlula. Ngizohlala imizuzu emihlanu, futhi uma esho into eyodwa ephambene nalokho engikukholwayo, ngizosukuma khona lapho ngiphume." Lokho kukhombisa ukungazi, lokho akubonisi ngisho nomqondo omuhle. Noma ubani okhuliswe kahle angeke enze into enjalo.

Uma ngingena ethempelini likaBuda, uma ngingena ethempelini, ngiyoba umnumzane ohloniphekile ngokwenele ukuhlala lapho kuze kuthi okungenani lowomhlangano uphele. Kunjalo.

142 Ukhuluma ngokunye kokungazi kweKentucky, ukhuluma ngalesosifunda engiphuma kuso, ukungazi kwalabobantu ezansi lapho, angazi. Ngezinye izikhathi ngiyazibuza. Makungena enye yamadodakazi abo ekuseni izinwele zayo zisontekile ngakho konke, nobuqhathanzipho ebusweni bakhe bonke, ubusuku bonke gulukunqu enoRicky omncane onezinwele ezigundwe zaba yisicaba, ngiyakutshela, uyo—uyokwazi ngokuzayo lapha ephuma...[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...induku yomphongolo, noma igatsha lehikori lapho, futhi nje umyobule isikhumba.

143 Futhi ngiyanitshela, nonke enikhuluma ngobuhlongandlebe bezingane, maningi kakhulu amaphepha akhuluma ngakho. Ngicabanga ukuthi ubuhlongandlebe babazali. Uma ubungaba no*Mthetho wokuthi Yenza othanda kwenziwe kuwe* omdala olenga odongeni unemithetho eyishumi elenga kuwo, thatha osemusha phandle lapho, futhi umshunqise phansi kancanyana, ubungeke ube nokuningi kangako. Futhi uthi, "URicky omncane bandla, umuhle. Ubengaqondile ukwenza okubi, Marta." Udinga ukushaywa kahle, yilokho akudingayo.

IBhayibheli lathi, "Yeka induku, uyamona umntwana wakho," futhi lokho kunjalo impela. Ngeke uthole lutho olungcono.

144 Ekhaya lami babeneMithetho eyiShumi ilenga, phezu komnyango, othini lwehikori olude *kangako*, futhi, mfowethu, ngangizazo zonke eziyishumi emhlane wami, futhi phezulu

naphansi emilenzeni yami, cishe zonke izinsuku; kungenze kahle nokho.

Futhi ngiyakutshela, uBaba wangikhipha ngemuva kwendlu, futhi ngadansa umdanso wokugxumagxuma omncane, kodwa ngangazi ukuthi ngingakwenzi ngokulandelayo, lapho eseqedile ngami.

145 Kungaba ngcono kakhulu, njengokuthi, ukuba besinobabayi abengeziwe abazokwenza lokho namuhla. Akakaze angishaye ukukhotha okukodwa ngaphandle kwalokho engimhlonipha ngakho, kulobubusuku, ngakho. Lapho ngibheka ebhokisini, futhi ngabona izinwele zakhe ezimpunga ohlangothini lwekhanda lakhe, Ngama lapho nezinyembezi zehla ebusweni bakhe, ngathi, "Babayi ngasiza ngokubabeka lapho. Nkulunkulu ngisize." Kunjalo. Ngangimhlonipha ubabayi wami, wayengubabayi owayengenza ngenze kahle. Yebo, mnumzane. Sidinga okwengeziwe okunjalo namuhla.

146 Manje, wenyuka, wama phambi kwe—isigodlo. Wathukulula amakamela akhe, wehlisa izincekukazi zakhe lapho, wamisa amatende akhe, futhi weza ukuzohlala aze akholiseke. O, mfowethu, akumangalisi ukuthi uzosilahla lesisizukulwane. A-hhe, a-hhe. Wafika ukuzohlala waze wakholiseka, futhi walinda.

147 Manje, ukusa kokuqala, ngiyawezwa amacilongo ekhala, izinsimbi zikhala, nendlovukazi encane yazigqokisa, yangena, futhi mhlawumbe yayine, ihlala le emuva ngemuva. Futhi konke kwahamba kahle, konke ukucula, nalo lonke ikhwaya lacula. Wabe esephuma uMalusi Solomoni waya epulpiti. Futhi yaqaphela, ukuthi kumangalisa kanjani! Inhliziyo yayo encane iqala ukushisa. Nokho, ngalolosuku, mhlawumbe endaweni ethengisa izincwadi, kufanele ukuthi yayithenge izincwadi kuyo. Yaphindela emuva ngalobobusuku, futhi yafunda, futhi yafunda. Ngakusasa, yona . . . usuku nosuku . . .

148 Ekugcineni ikhadi layo lomkhuleko labizwa; ayizange ngisho iqhume ngakho, yalinda kwaze kwaba yithuba layo. Kwathi lapho sekufike endaweni isimi phambi kukaSolomoni, iBhayibheli lathi akukho lutho olwalufihliwe kuSolomoni ngaphandle kwalokho akwazisa kuyo. Amen. USolomoni, umoya wokubona okufihlakeleyo wayitshela izimfihlo zenhliziyo yayo. UJesu wathi leyondlovukazi iyovuka ekwaHlulweni futhi isilahle lesosizukulwane, ngoba omkhulu kunoSolomoni wayelapho.

149 Buka ukuthi yathini. Siyavala. Bheka ukuthi yathini, yathi, "Konke engikuzwile bekuyikho, nokungaphezu kwalokho engakuzwa." Niyabo, isimangaliso sase senziwe kuyo ngaleyonkathi. Niyabo, yayivela ezansi kuthi ngqu eSheba, futhi wayeyiJuda phezulu lapha, futhi ngakho wayengazi lutho ngayo, kepha lapho imi phambi kwakhe, wembula zonke izimfihlo zenhliziyo yayo, wayitshela izinto eyayifuna ukuzazi.

Konke kwakusenhliziyweni yayo, uNkulunkulu wamazisa uSolomoni ngakho.

150 Aniboni na? Lowo Nkulunkulu ofanayo...Ungakubiza kanjani ngokuthi ukufunda ingqondo na? Ungakubiza kanjani ngokuthi udeveli na? O! Lapho ungaqondi ukuthi ngimi lapha, ngazi ukuthi ucabanga ngani laphaya! Ungangabaza kanjani na? Kanjani...? Kwenzenjani ngabantu bakithi na? Ini...? Animboni yini lowoNkulunkulu ofanayo uyimvelo efanayo, kwehle njalo ngeBhayibheli yonke indawo na?

151 Futhi yaphenduka, yayisithi, "Abusisiwe amadoda anawe, omi lapha futhi engabona lesosipho esikhulu sikaNkulunkulu sisebenza nsuku zonke. Abusisiwe lamehlo ahlala futhi akubone."

152 UJesu wathi, "Iyovuka ekwaHlulweni futhi isilahle lesisizukulwane; ngoba yavela emikhawulweni yomhlaba ukuzakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi omkhulu kunoSolomoni ulapha."

153 Futhi, bangane abangamaKristu, bukani, omkhulu kunoSolomoni ulapha, uMoya oNgcwele qobo lwaKhe ulapha. UKristu osesimweni sikaMoya oNgcwele ulapha nathi, efakazela ukuthi okufanayo, ngisho nalokho uSolomoni ayenakho, okukhulu ngokwengeziwe kaningi kuphela, ulapha namuhla, ngeminyaka engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu yomlando kaMoya ofanayo osebenza eBandleni. Kukhona omkhulu kunoSolomoni lapha.

Inhliziyo yayo yathinteka, yayingakaze ibone lutho ngaphambili, kwakungajwayelekile kuyo. Yazi ukuthi kwakulungile.

154 Ake ngisho okuthize lapha, umzuzwana nje. Lapho abantu, abantu bangempela boqobo bengabona into ethize yangempela, kushintsha umbono wabo. Kunjalo. Futhi empeleni, iningi lomhlaba namuhla lilambele ukubona ukuthi senqaba ini. Kunjalo. Bafuna ukubona into ethize yangempela.

155 Le ndaba encane, ingahle ingene ibe usizo njengamanje, ngifuna ukuyisho. Nina, nonke niyazi ukuthi ngiyazingela. Mina—mina ngi...Ngiyakuthanda ukuzingela. Umama wami u, osanda kudlula emhlabeni maduze nje, waye, cishe impela, iNdiya ingxenye. Nami—ngiye ngazingela impilo yami yonke. Into yokuqala engake ngayithenga, ngidoncula izitshalo zikabhatata usuku lonke futhi ngathola ikota, ngazithengela isicupho sensimbi, ngabamba unogwaja, ngathengisa unogwaja ngamasenti ayishumi nanhlanu, futhi ngazithengela ezinye izicupho ezimbili zensimbi, ngaqala khona lapho ebhizinisini. Ngangicishe ngibe neminyaka eyisithupha kuphela ubudala, bengizingela, ngicupha, kusukela lapho. Futhi ngenyukela ehlathini elisenyakatho ukuyozingela, ngangivamile, phezulu lapho, futhi le phezulu.

156 Futhi nganginomlingani omuhle engizingela naye phezulu lapho, futhi wayengumzingeli omuhle, onemba kahle ngempela, futhi indoda owawungadingeki ukuthi ukhathazeke ngayo ngokuthi yayizoduka emahlathini; wayazi ukuthi kuphunywa kanjani lapho. Futhi ngangivame ukuzingela naye, kodwa wayenenhliziyo enonya kakhulu. Yena—yena wayenamehlo anjengesibankwa, niyazi ukuthi lawomehlo abukeka ehlekisa kanjani, njengabesifazane abazama ukupenda awabo namuhla? Niyazi, amehlo afana nawesibankwa. Futhi ngakho yena owesifazane...

157 Wayeyindoda ekahle ngempela, kodwa wayenonya. Wayevame ukubulala amazinyane ukuze nje angenze ngiphatheke kabi. Yena nje...Wayazi ukuthi mina... Manje, kulungile ukubulala izinyane lenyamazane, lokho kulungile. Uma umthetho ukuvumela ukuthi ubulale izinyane lenyamazane, bafowethu abazingelayo, kulungile lokho. U-Abrahama wahlaba ithole futhi waliphakela uNkulunkulu, futhi uNkulunkulu uyalidla. Kulungile lokho. Ngakho-ke ubulili, noma ubukhulu akuhlangene nakho. Kodwa ukubulala nje ngenxa yobumnandi bokubulala, lokho ngukubulala ngokuhlosile, angikholelwa ekucekeleni phansi izinto. Ngangineminyaka eyisikhombisa ngingumqaphi wezilwane mina uqobo, njengoba nazi. Ngakho manje, khumbulani, hlala uthembekile futhi ukahle ngalezozinto. Futhi lapha kwakuyi...

158 Wayedubula lamazinyane ezinyamazane amancane, futhi mhlawumbe angawacoshi ngisho, ukungenza ngizizwe kabi nje, inhliziyo enonya nje. Futhi ngazama ukukhuluma naye ngoNkulunkulu, futhi ngangibalula uNkulunkulu, wayevele ame lapho futhi ahleke efulathelise ikhanda lakhe. Ngakho, kodwa phansi le kuye ngacabanga ukuthi kwakukhona okwakungahle kube kuhle endodeni. Awukwenzi...Ungalinge wale indoda ngokuphelele, vele uzame okusemandleni akho, qhubeka. Vumela uNkulunkulu enze ukwala.

159 Ngakho ngi—ngi...Ngolunye usuku ngenyukela lapho, futhi kwase kuleyithi enkathini yonyaka. Nalezonyamazane amadiye anomsila omhlophe phezulu lapho, he, ukhuluma ngenhlanzi iHawudini ekubeni yingcweti yokuphunyuka, yayimfundamakhwela, ohlangothini lwazo, futhi noma kanjani, ngenkathi zidutshulwa, zazi, zavele zanyamalala. Nobusuku obunonyezi, zazidla ebusuku, futhi zikhase ngaphansi kotshani obuyivukuzi emini, zibuyela ehlathini eliminyene; awusoze wazithola.

160 Futhi kufika iqhwa elihle, elincane ngalobobusuku, cishe amayintshi ayisithupha noma ayisishiyagalombili, isimo sezulu esihle sokulandelela. Futhi sasi...sasuka sayozingela. Futhi sasihlala siphethe ibhodlela eliyiflaski eligcwele ushokoledi oshisayo, noma ngabe siphendulwa ndawana thize ehlathini, noma sabulala inyamazane idiye, futhi kwakudingeka sihambe

sibuye, noma singene esiphephweni seqhwa, lowoshokholethi usiza ukukugcina uphila. Kungcono kunekhofi noma yini, ngoba unama—amafutha kuwo, kanye nokondla, ushokoledi. Ngakho ngaba ne. . . Thina, ngamunye, sasinamaphayinti amabili ehembeni lethu kanye nesemishi.

161 Futhi sasihambe ukusa konke, sasingabonanga ngisho nomkhondo owodwa, futhi sasi. . . isikhathi eside cishe ligamenxe ihora leshumi nanye noma eleshumi nambili nqo, sifika ekuvulekeni okuncane, okucishe kulingane nalesi sakhiwo lapha. Futhi yena—yena wayephambi kwami, ehamba, futhi sasivame ukwenyukela phezulu le e. . . ngaphezu kwemithi yokwenza amapulangwe, khona-ke siyo. . . sasehlukana, futhi sasihamba ngenye indlela nenye, futhi sehle sidlule. Futhi uma sithole inyamazane idiye, sizoyixhoma, futhi siyazi (Lapho sesibuyela ekamu, siyobuyela lapho ngalobobusuku, noma uma sasingenjalo, asizange sikhathazeke ngomunye nomunye, siyakwazi ukunakekela emahlathini.), futhi siyobuya ngakusasa.

162 Ngakho-ke, ngacabanga ukuthi wayelungiselela ukuhamba, ngoba sase sikhuphuka phezulu impela. Futhi izinyamazane amadiye ngokuvamile zigijima zenyuka intaba lapho zesaba. Futhi ngakho-ke wama kulendawo encane wayesehlala phansi. Futhi ngacabanga ukuthi wayebuyela emuva ehembeni lakhe ukuze abambe leli bhodlela elisaflaski ukuba—ukuba sidle ukudla kwethu kwasemini, bese-ke sihlukana bese sibuyela emuva. Ngakho esikhundleni salokho, wakhipha lempempe encane endala.

163 Wayenze impempe encane ezwakala nje ngengengane encane yenyamazane idiye ikhalela unina. Niyazi ukuthi kanjani—niyazi ukuthi izinyane lenyamazane likhala kanjani, lowomsindo omncane oxakile. Awu, wayezilungiselele impempe, yayizwakala nse kanjalo nje. Futhi ngathi kuye, ngaphambi kokuba sihambe ngalokho kusa, ngathi, "Bert, ubungeke ukusebenzise lokho."

164 Wathi "A, ufana nabo bonke abanye abashumayeli. Awusoze waba umzingeli, unenhliziyo yenkukhu kakhulu." Ngathi, "Ungakwenzi. . . " Wathi, "Wena. . . Nina bashumayeli ninenhliziyo yenkukhu ukuthi ningaba ngabazingeli." Futhi ngokuvamile kwakufanele ngithole izinyamazane zakhe noma kanjani.

165 Kodwa—kodwa nokho, yena—yena wayezodubula lenyamazane idiye encane. Ngakho welulekela ehembeni lakhe, wayesekhipha lempempe, ngathi, "Ubungeke ukwenze lokho."

Wathi, "O, hlakanipha, Billy; hlakanipha." Kwakukhona ukukhithika lapho, futhi wayeseshaya lempempe encane.

166 Futhi ngacabanga, awu, asizange siwubone umkhondo, ngeke kulimaze lutho, kodwa ngokumangala kwami, cishe

ngaphesheya kwalesisakhiwo, kwasukuma insikazi enkulu, enhle, enomsila omhlophe. Manje, lowo ngumama wenyamazane idiye, insikazi. Izindlebe zayo ezinkulu zimile *kanjalo*, amehlo ayo amakhulu amahle ebuka. Kwakuyini inkinga na? Kungakhathaleki ukuthi yayicashe kanjani, ingane, ingane yayo yayikhala, yayisosizini. Wagxuma, uqala ukuqalaza. Manje, sasingamile ngaphezu kwamayadi angamashumi amathathu ukusuka kuyo.

167 Wangibheka ngalawamehlo esibankwa, ngase ngicabanga, "O, he!" Futhi waphinda wayifutha, naleyo nyamazane idiye yaphuma yangena kuleyondawo evulekile. Manje, noma ubani ozingela inyamazane idiye uyazi ukuthi lokho akujwayelekile ngokoqobo. Ngeke zikwenze lokho, ikakhulukazi lapho zidutshulwa, nangalesosikhathi sosuku futhi, cishe ngeleshumi nanye nqo, ishumi nambili. Yaphuma yaqonda endaweni evulekile.

168 Futhi ngayibuka, futhi ngaqala ukucabanga, "Lowo mama, uyamkhohlisa, ushaya leyompempe njengeengane encane ekhalayo, ingane yakhe. Futhi ayiyona umzenzisi, ayizenzisi nje, ayembathi okuthile, kodwa izelwe ingumama, kungumqondo wemvelo kuyo. Ingumama, futhi leyo yingane ekhalayo." Yayingumama ozelwe ngokoqobo, kwakukuyo.

169 Waphinde wathi qekelele futhi. Waphinda yangibuka *kanjalo*. Ngivume nganqekuzisa ikhanda lami *kanjalo*. Yena . . . Mina . . . wafinyelela phansi. Ngezwa lelo gobolondo likhuphuka kuleyo .30-06, inhlamvu enkulu esakhowe enezinhlamvu eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili, iqondaniswe phansi naleso sibonakude, ngangazi ukuthi emizuzwini embalwa lapho ethinta leyongcipho, wayenemba, ngangazi ukuthi uyoyishaya inhliziyo yayo eqotho iphume kuyo.

170 Futhi, "Wayengakwenza kanjani lokho na?" Ngacabanga, "Indoda enenhliziyo enonya njengaleyo, yayingathatha lowomama lapho, ezama ukuthola ingane yakhe, phandle lapho efuna ingane yakhe, futhi wayezosakaza inhliziyo yakhe eqotho iphume kuye." Ngacabanga, "Yeka isihluku esingaka umfo afanele ukuba yiso. Impela angeke akwenze."

171 Futhi lapho i—ibhawodi lehla kumodeli 70, lehla *kanjalo*, inyamazane yakuzwa, futhi yaphenduka, futhi yabona umzingeli. Kodwa ingabe yanyakaza na? Qhabo, mnumzane. Kungani na? Yayingumama. Ukufa noma kungekho ukufa, ingane yakhe yayisenkathazweni, wayezama ukuthola leyongane. Yena, ebheka yonke indawo, ingane yayibiza. Wayengakwazi ukuzibamba kulokho, wayengumama.

172 Ngi—ngi—ngi—ngangikhala, ngavele ngaphendula ikhanda lami, ngacabanga, "Nkulunkulu, angikwazi ukubona lokho. Angakwenza kanjani lokho, asakaze inhliziyo yalowomama bandla phandle lapho, futhi emi ebheka ingane yakhe na?

Ukubonakaliswa kwangempela kobuqotho, futhi angakwenza kanjani na?" Wehlela phansi *kanjalo*, leyonzwa ezinzile. Ngafulathela, ngase ngithi, "Baba waseZulwini," phansi enhliziyweni yami, "ungamvumeli akwenze. Ungamvumeli akwenze. Angakwenza kanjani na? Angayidubula kanjani inhliziyo yalowomama iphume kanjalo, futhi yena ezama ukuthola ingane yakhe kanjalo na?"

173 Futhi ngalinda, nesibhamu asizange siqhume, ngalinda kade kancane, isibhamu asizange siqhume. Ngase ngiphenduka ukuze ngibuke, Futhi *nansi* indlela umbhobho wesibhamu owawuhamba ngayo, uqhaqhazela nje. Futhi wabheka phezulu, nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe, izindebe zakhe ziqhaqhazela, wathatha isibhamu wasijikijela, phansi osebeni lweqhwa, wangibamba ngasemlenzeni webhulukwe, wathi, "Billy, senganele. Ngiholele kulowo Jesu okhuluma ngaye."

174 Uyidikoni ebandleni lamaBaptisti manje. Khona lapho kulokho kukhithika kweqhwa, ngamholela kuKristu. Kungani na? Wabona into ethile yangempela, wabona into ethile eyayingesikho ukuzenzisa, wabona ukuthi kwakukhona okuthile koqobo. Wayazi ukuthi kwakukhona okuthize ngemva kwakho. Wayengumama, wayengumama ngokokuzalwa.

175 Nkulunkulu, ngenze ngibe ngumKristu onjalo, ngenze ngibe ngumKristu, ukuze ngibe ngokoqobo kakhulu ukuze kuthi abantu, abafuna into ethile yangempela, bakwazi ukubona into ethile yangempela, futhi bazi ukuthi uKristu ungowangempela.

176 Asikhothamise amakhanda ethu. Bangaki phakathi lapha. . . Thembeka. Umzuzu nje, uzokwenza na? Thembeka. Bangaki kini abangathanda ukuba uhlobo lwe. . . njengomKristu kakhulu, njengoba leyonyamazane idiye yayingumama na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Yimina, Mfowethu Branham. Ngi—ngi—ngifuna ukuba yilolohlobo lomKristu." UNkulunkulu akubusise.

177 Baba waseZulwini, ngangazi kancane kangakanani, ngimi lapho kuleloqhwa ngalolosuku, izinyawo zami zimanzi, leyondoda engibambe emilenzeni inyokoloza ikhala. . . Awu, ngicabanga ukuthi inyamazane isekhona nengane yayo, ngethemba kanjalo. Yayingazi nakwazi ukuthi yayenzani.

178 Kodwa uNkulunkulu angakwazi ngalamatshe, akhulume. Leyo ndoda enenhliziyo enonya yabona okuthile okungokoqobo. Yayibone okuningi kakhulu kokuzenzisa nokugqokiwe, ukuthi, engumzingeli qobo lwakhe, uNkulunkulu wadingeka asebenzane naye ngaleyondlela, ukubona ukuthi kwakukhona into ethize eyayingeyengempela. Futhi uma esaphila namanje, umKristu othandekayo, ozelwe ngokusha, sikubonga kanjani ngalokho, Baba.

179 Ngibone ezinye ezintathu noma ezine, izandla ezingamakhulu amahlanu, mhlawumbe eziseduze, mhlawumbe

ngaphezu kwalokho, zikhuphuka emizuzwaneni embalwa edlule, ukuthi be—bebefuna ukuba ngumKristu wangempela, Nkosi. Kudingeke ngithethe kuleliviki, Nkulunkulu, ngikumemeze, ngizibuza nje ukuthi abafowethu bacabangani, ngizibuza ukuthi Wena ucabangani. Ngizamile ukwethembeka, Nkosi. Abantu bahlalile bazibuza. Kwangathi konke kungaphela manje, Nkosi. Kwangathi kungahlakazwa konke kuxazululwe. Sengathi singeza kuNkulunkulu esaziyo ukuthi ungowangempela. Sonke singaba nalesosihlakalo sokuba ngumKristu ozelwe wangempela, njengoba nje leyanyamazane yayingumama. Siphe khona, Nkosi. Sizwe, ngiyakhuleka.

180 Manje ngamunye, ikhanda lakho likhotheme, amehlo akho evaliwe, ngifuna ukuthi usho enhliziyweni yakho, khuleka umkhuleko omncane nje, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi." Kunjalo. Yiba nokukholwa nje, ungangabazi.

181 O Nkulunkulu! Ngamunye wenu ozwa ukuthi uKristu useduze nawe, phakamisa nje isandla sakho, uthi, "Ngi—ngiyakholwa nje ukuthi Useduze kwami ngempela, kulobubusuku, ngizwa nje uBukhona baKhe." UNkulunkulu akubusise. Qhubeka nje ukhuleka. Kulungile. "Nkulunkulu, ngilangazelela ukukubona." Yiba nokukholwa nje, kholwa. "Ngenze ngibe ngumKristu, Nkosi, njengokuthi nje... umKristu kakhulu nje njengaleyo—njengaleyonyamazane idiye yayingumama."

182 Bangaki abangakaze babe semhlanganweni ngaphambilini na? Phakamisa isandla sakho, awukaze ube semhlanganweni. Awu, uNkulunkulu anibusise, abaningi. Phakamisani amakhanda enu umzuzu nje, uma seniqedile ukukhuleka, ngifuna nibuke ngapha.

183 Ngikhulume kuleliviki ngoJesu ophilayo. Anginitshelanga ngesivumokholo, nginitshele ngeBhayibheli, ngeZwi laKhe, nginikeze isithembiso saKhe, ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Uyakukholwa lokho na? Manje, uma Yena... Uma ubungabona into ethile yangempela, ubuyoyifuna, ubungeke na? Ungakwenzi... Awufuni lutho olumbumbulu, ufuna into ethile yangempela.

184 Kwangathi uNkulunkulu angakubonisa, kulobubusuku, khona lapha, ukuthi ngikutshele iqiniso, UnguMesiya, ophilayo. Ungangabazi manje, kholwa. Bheka ngapha futhi uthi enhliziyweni yakho kuKristu, "Wena uyilowo mPristi oMkhulu, ngiyakukholwa." Khumbulani, mangikwenze ngokusobala: Angisuye umPristi oMkhulu, ngingumfowenu nje, Yena ungumPristi oMkhulu. Ukuthinta kwami ngeke kusho lutho, ukuthinta kwaKhe kuzokwenza. Ukuthinta kwakho yilokho Alinde kukho, ukuthinta kwakho, ukuthinta kwakho kokukholwa. Futhi uma Akwenza lokho ngosuku lwaKhe, Uzokwenza futhi namuhla. Awukukholwa na?

185 Leyondoda, ehlezi *lapho*, enomfutho wegazi ophezulu, isandla sifika emhlathini wayo, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakunika ukuphulukiswa kwakho kulowo mfutho wegazi ophezulu, Mnumzane? Uyakukholwa na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngizokwamukela." Angiyazi indoda, kodwa lokho kuyiqiniso.

186 Inenekazi elihlezi eduze kwakho *lapho*, linokuphazamiseka kowesifazane futhi. Uma lizokholwa ngenhliziyo yalo yonke . . . Uyakukholwa, Dadewethu na? Phakamisa isandla sakho.

187 Ingabe lokho yinto yangempela na? Lowo nguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Lowo wesifazane owayengathinta, emuva *lapho*, ngemizwa yobuthakathaka bakhe, nalowo wesifazane wathinta naye. Ungangabazi nje, yiba nokukholwa.

188 Inenekazi elihlezi phansi khona *lapha*, linomdlavuza. Likhulekela umdlavuza walo. Futhi nalo lino—umzukulu elimkhulekelayo, umzukulu unokulibala. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzophulukisa na? Ngiyisihambi kuwe. Uma lokho kunjalo, vayizelisa izandla zakho *kanje*.

189 Manje, kungani ningabanga nalo lolohlobo lokukholwa izolo ebusuku, nina nonke na? Kholwa nje, ungangabazi. Beka isandla sakho kulelonenekazi eliseduze kwakho. Ungangenzela umusa na? Uhlushwa inkathazo yomphimbo. Yiba nokukholwa nje.

Niyabona ukuthi kulula kangakanani uma nje ukukholwa na? Ungangabazi, kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho. Akalungile futhi akamangalisi na? Akukhona okwangempela lokho na?

190 Indoda ehlezi khona *lapha*, ihlushwa ukulakanyana, inenkathazo yesisu, inkathazo yesibindi.

Nkulunkulu, ungamvumeli akugeje.

191 Mnu. Brines, kholwa. Ukutholile. Kumnandi kakhulu manje. Ungenzi—ungenzi lutho ukuKuphazamisa, Kuyeke kuqhubeke. Angiyazi lendoda, angikaze ngiyibone. UNkulunkulu eZulwini uyakwazi lokho, futhi nali iBhayibheli lami phezu kwenhliziyo yami, Angangishaya ngife ngalomzuzu.

192 Yini ayithintayo na? Uthinte bani na? Noma ngabe ngubani obelapho, uma singazani, siyizihambi, phakamisa isandla sakho, noma ngabe bekungubani umuntu. Noma yimuphi wabantu ababiziwe, uma siyizihambi komunye nomunye, phakamisa isandla sakho. Asazani. Phakamisani izandla zenu, noma ngabe bekungubani labobantu obekunguye, obekade ebizwa manje nje, e-hhe, impela. Niyabo?

193 Kuthiwani ngomuntu othile nga*le*ndlela na? Inenekazi lihlezi *lapho*, lingibuka ngqo, liwusabela ukufa lowomdlavuza. Liyazibuza, uyazibuza ukuthi ngabe nguwe, "Ngabe yimi, yilowo okhuluma naye na?" Ngizokutshela ukuthi ngubani, igama lakho unguNkk. Brown. Manje, uyazi ukuthi

ngikhuluma nobani manje. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu usekuphulukisile na? Uma wenza, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakwamukela." UNkulunkulu akubusise.

194 Lowo ohlulwa uphuzo omkhulekelayo, uyakholwa. Uzamile ngenhliziyo yakho yonke, kodwa akuzange kusebenze kahle kakhulu. Kodwa ungakhathazeki, Yena uyazi ngakho. Manje, uma lokho kuyiqiniso, vayizelisa isandla sakho *kanje*. Akekho owazi lokho ngaphandle kwakho noNkulunkulu kanye nami. Ngazi kanjani ukuthi ubukhuleka ngani na? Ufanele ukholwe. Ufanele ube nokukholwa, ungangabazi.

195 Lelonenekazi eliyikhaladi, elihlezi lapho eduze kwakho, lasePortland, a-hha, yebo, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Nkk. Beck, unga—ungaya ekhaya, uphile nawe, uJesu Kristu ukuphulukisile. Amen.

196 Uyakholwa ukuthi kukhona okwangempela lapha, kulobubusuku? Ubani na? UJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu. Awukukholwa lokho na? Manje, uma ufuna ukuba ngumKristu wangempela, ngikholwe. Bengingama kanjani lapha na? UMoya oNgcwele ubungasebenza kanjani kanje, kuze kube lapha, ukuba. . .ngomzenzisi na? Nicabanga ukuthi uNkulunkulu ubengamhlonipha umzenzisi na? Qhabo, mnumzane.

197 Impela nginomqondo othile ngaYe wamashumi amabili-. . . iminyaka engamashumi amathathu nanye yenkonzo, emhlabeni jikelele izikhathi eziyisikhombisa. Ngokuqinisekile kukhona zonke izinhlobo ze. . .UNkulunkulu angeke akuvumele lokho. Nginitshela iqiniso, bangane. Yiqiniso leli. Futhi kuyiqiniso ngokoqobo.

198 Manje, ngiyazi ukuthi kumanje nje. . .Ngi—sengidlulile kakhulu. Bengizo, nginitshelile, ukubiza lawo makhadi omkhuleko. Kodwa sekucishe impela kube ihora leshumi nqo. A—angazi ukuthi isikhathi siyaphi, ngiyaxolisa ukunigcina kanje. Ngathembisa ukuthi ngeke ngikwenze. Ngiyazama ukusuka nje kukho, umzuzu nje.

199 Ngakho ngisize, uNkulunkulu waseZulwini uyazi ukuthi kuyiqiniso, leyoNgelosi kaNkulunkulu, eniyibona kulesosithombe, ikhona manje, khona lapha, emsamo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Bona into ethize yangempela, yikholwe. Uma kufanele ngime lapha, kusasa ntambama, lize lishone ilanga, kuze kube ngeleshumi nqo kusasa ebusuku, Ngizokhulekela wonke umuntu ofuna ukukhulekelwa, onalawo makhadi, uma nje ungangivumeli ngikugcine isikhathi eside kakhulu, kulobubusuku.

200 Ngizibuza okuthile. Ngizokubuza umbuzo nje. Ngamunye wenu owaziyo ukuthi aniyena umKristu kangako njengoba lowomama ayenjalo. . .njengoba leyonyamazane idiye

yayingumama, ngenkathi ubona okuthile ngqo ebusweni bakho lapha . . .

201 Ngibone into ethize yenzeka khona lapho futhi, lowo wesifazane ehlezi khona *lapho*.

202 *Nansi* indoda enaleyo nkathazo yendlala, ivuka ebusuku. UNkulunkulu akubusise, mfowethu, sekuphelile. Manje, kuyazungeza yonke indawo, kuya yonke indawo. Lapho ngi . . . Lapho lowo ongakholwayo ebona into ethize yangempela, wayeselungele ukuphenduka, khona lapho.

203 Ngiyazibuza, kulobubusuku, uma besingeke sibe nenkonzo enhle yokuzahlukanisela njengamanje. Ake nginikhulekele kuqala, lapho ohlezi khona. Ake ngikhuleke phezu kwalamaduku. Asikhothamise amakhanda ethu.

204 Baba waseZulwini, ngibeka izandla zami phezu kwalamaduku, ngiwabusisa eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKho. Nkulunkulu, abheke lawa. Futhi, Baba waseZulwini, baningi abagulayo phandle ezethamelini, baningi abakhulekela abathandiweyo babo, ngiyakuzwa, ngiyakubona. Bayabona ukuthi kukhona okwenzekayo, Nkosi.

205 Ngiya ngokuba buthakathaka, ngiba buthakathaka ngaso sonke isikhathi, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ngisize. Manje, ngisize ukuba ngibakhulekele umkhuleko wokukholwa, Nkulunkulu. Bahlala lapha futhi bahlupheka ngenxa yokushisa, abaningi babo beza badlula ebunzimeni. Unga—ungabavumeli bakugeje kulobubusuku, Nkulunkulu. Ulapha ukuzokwenza, bavumele bakubone ngempela.

206 Baba Nkulunkulu, ngolunye usuku kwakukhona umfana omncane elusa izimvu zikayise. Simazi njengoDavide. Wayekhathalele izimvu zikayise, wayephathiswe lezozimvu, futhi ufanele azibheke, akukho neyodwa yazo okufanele ilahleke, nebhubesi liyangena futhi lathatha eyodwa.

207 UDavide omncane wayengenaso isibhamu esikhulu imaginamu, wayenendwayimane kuphela, kodwa wayethembele kuWe. Waya phambili, wathola leyomvu encane eyathathwa yilelobhubesi. Wabulala ingonyama, wabuyisela imvu emadlelweni aluhlaza anethunzi, wayilalisa ngasemanzini okuphumula, ngokuba kwakuyimvu kayise.

208 Baba waseZulwini othandekayo, kulobubusuku izifo ezifana nesifo senhliziyo, umdlavuza, isifo sofuba, izinyonga, labodeveli bamabhubesi ungenile futhi wathatha ezinye zezimvu zaKho, uyazihudula azikhiphe. Badle imishanguzo kuwo wonke amahhovisi kadokotela nomtholampilo, ubadonsela ngaphandle, ngiyabalandela, kulobubusuku, Nkosi.

209 Anginalutho ngaphandle kwalendwayimane encane yomkhuleko, kodwa Wathembisa, “Umkhuleko wokukholwa

uyakumsindisa ogulayo." Bayizimvu zaKho, futhi ngiyabalandela.

210 Sathane, uzoba, ubakhulule, ngiyababuyisela, kulobubusuku, ngomkhuleko wokukholwa. Bakhulule, futhi ubayekele, ngibabizela iNkosi uNkulunkulu. EGameni leNdodana yaKhe, uJesu Kristu, sengathi ukubamba kwakho kokungakholwa kunganqamula lesisakhiwo futhi bonke baphulukiswe.

Siphe khona, Baba, eGameni likaJesu eliligugu.

211 Ungakungabazi, kukholwe. Uyakukholwa na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakukholwa, Mfowethu Branham, ngiyakukholwa." Uma uNkulunkulu ekwazi ukuma lapha futhi akusebenzisele lokhu . . . Akazange futhi athi, "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo na?" Ukusebenzise ngayo yonke indlela . . .

212 Manje, bangaki phakathi lapha, abangamazi uNkulunkulu, futhi abafuna ukuba ngumKristu, phakamisa isandla sakho. Yisho nje, "Ngifuna ukuphakamisa isandla sami, Mfowethu Branham, ngifuna ukuba ngumKristu." Mangaki amalungu ebandla lapha, azi ngempela ukuthi awuphili ngendlela obufanele uphile ngayo, kunezinto ongeke uziqonde, wena u— uxovekile, awazi ukuthi wenzeni, futhi ungathanda ngempela ukuba ngumKristu wangempela na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham." UNkulunkulu akubusise.

213 Ngiyazibuza, ngenkathi sisacula iculo, uma umshayi we-ogani wethu ezosinika indlela, "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda ngoba Wangithanda kuqala," Ngiyazibuza, abaningi nje abakholwa ukuthi uNkulunkulu angawuzwa umkhuleko wami, futhi unesidingo sikaNkulunkulu sokunjalo, ungefike bese uthi, "Nginikela ngempilo yami, umphefumulo, ngokuthi ngibona okuthile kwangempela, okuthize okuphuma eBhayibhelini, okwangempela, futhi ngiyeza, kulobubusuku, futhi ngime ngizungeze i-altare, ngiyeza ukuzokwenza ukuma kwami, khona manje. Futhi kusukela kulolusuku kuqhubeke, ngakho ngisize Nkulunkulu, ngizonikela impilo yami kuYe. Ngizoba yilunga elingcono ebandleni lami, ngizoba ngumKristu ozahlukanisele kakhulu. Kusukela kulelihora kuqhubeke ngithengisa kukho konke okusemhlabeni, ngizoba ngumKristu wangempela, kusukela kulelihora kuqhubeke, ngomusa kaNkulunkulu. Ngeyenyuka, Mfowethu Branham, ukuba ngime lapha, ngifuna wena ungikhulekele"?

214 Uzoza, sisacula na? Woza, sukuma nje futhi uze. UNkulunkulu akubusise, lowo . . . Noma ngabe ungubani, woza khona manje. Yilokho kuphela. Ukuzahlukanisela, yilokho esikufunayo.

Ng'yaMthanda (Ingabe uyaMthanda ngempela na? Ingabe umphefumulo wakho uwutho kuwe manje na?), . . . Mthanda
Ngoba . . .

215 Ngifuna ukuzama ukuxhawula abaningi ngangokunokwenzeka. [UMfowethu Branham ushiya umbhobho ukuxhawula labo abenyuke bazungeza i-altare; amazwi akhe awazwakali—Umhl.] . . . ? . . . Yimani lapha e-altare, ndawonye.

216 Ngeke wehle, wahlukanise impilo yakho na? uma ungumKristu, futhi ungaphili, ngokunqoba nje, njengoba ufanele, uyazi uma uJesu ubengeza kulobubusuku, ubungeke ulungele ukuhamba, ubuzosaba ukuthi kuzoba khona okungalungile. Uma ubungaya ekhaya, lapha, uqale wehle ngomgwaqo, futhi uzwe inhliziyo yakho ihluleka, udokotela bekuzomele abheke ukushaya kwenhliziyo yakho, athi, "A-o, angikwazi ukukusiza. Usuhambile."

217 Kuthiwani uma ingozi, futhi igazi liqala ukuphuma, uzwe inhliziyo yakho inyakaza, ungaphansi kwemoto, ucindezeleke phansi? O, ufisa sengathi ngabe ufikile. Sekwephuze kakhulu, woza manje. Ningathathi ishansi nganoma yisiphi isikhathi, bangane, wozani.

218 Manje, ake ngikutshele, awusophinde ubone lutho lwangempela oluvela kuNkulunkulu, uze ubone uJesu ubuso nobuso, ngoba yilokho impela Akwenza ngenkathi Elapha. Futhi Ubezokwenza futhi, ukuba Ubemi lapha, ngenkathi lolusuku lusaqhubeka. Ngeke uze na?

Ngiyathanda . . .

Wonke umuntu akacule. Asiphakamise izandla zethu.

. . . Ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

219 Ngelinye ilanga uzoMfuna ukuthi athi, "Wenze kahle, Nceku yaMi enhle nethembekile. Lowo ozovuma isono sakhe . . . "

220 "Kepha uma ngibheka ububi enhliziyweni yami, khona-ke uNkulunkulu akayikuzwa umkhuleko wami," kwasho uDavide. Buyini ububi na? Ububi yinto ethile owaziyo ukuthi uyayenza obekungafanele uyenze futhi angeke uphenduke. Uma ngibheka ububi enhliziyweni yami, ngazi ukuthi ngifanele ngikwenze, futhi ngingakwenzi, khona-ke uNkulunkulu wethembisa, iBhayibheli liyethembisa ukuthi uNkulunkulu ngeke awuzwe umkhuleko wakho, uma wazi ukuthi ufanele ukwenze futhi ngeke ukwenze. Kunjalo, bazalwane na? Kunjalo, bazalwane abangabefundisi na? Iqiniso, "Uma ubheka ububi . . . "

221 Manje, uma ungowalamabandla, wena uthi, "Awu, *nakho* kumi umelusi wami, ungikholwa ukuthi ngingumKristu."

Kulungile. Woza uphinde uzahlukanisele. Umelusi wakho uzojabula ngakho, ngokuqinisekile uzojabula, uzokujabulela ukwazi. Uyabazi ubuqotho bangempela, futhi isifiso senhliziyo yakho wukwenza lokho okulungile. Ngine... Ukuba bekuyibandla lami, bengizokwenza impela. Futhi nina niyibandla lami, umhlaba wonke uyisifunda somfundisi sami, ngakho niyibandla lami. Manje, uma ulapha, futhi ufuna ukwahlukanisela impilo yakho, ngenkathi sicula kanye futhi bese-ke sizokhuleka, woza manje.

Ng'yaMthanda, ... Mthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
KowaseKalvari ... (...?...)

222 Asikhothamise amakhanda ethu manje, sihamisha...?... Ngizongena phakathi kwabantu ezansi lapha manje. Wonke umuntu ekhuleka. Manje, woza lapha. Manje, into kuphela ongayenza wukuvuma ngokusuka enhliziyweni yakho, uvume iphutha lapho futhi ukholwe.

223 Manje, uNkulunkulu ukubonile wenyukela lapha, Akanasiphelo, Wazi konke ngakho. Futhi Ukubonile wenyukela lapha, nguYe Owakhuluma kuwe, Wazi inhliziyo yakho, Ukhulumile futhi wena weza ngaphambili. Uyakubona khona manje. Vuma iphutha lakho, uthi, "Nkulunkulu, ngiyaxolisa ukuthi ngikwenzile. Ngisize kulobubusuku, Nkosi, ngifuna Ungithethelele. Ngomusa waKho ngizoma ngeqiniso kuWe kuze kube sekupheleni komhlaba, ngizoba yinceku yaKho." Manje, wonke umuntu ezethamelini makakhothame akhuleke.

224 O Nkulunkulu, Baba wethu, sisondela esiHlalweni saKho somusa. Ngimi ngakuleli-altare, kulobubusuku, kumi abanye, iqembu elikhulu labantu. Abaningi babo bangamalungu amabandla. Abanye babo mhlawumbe abakaze benze ukuvuma okwamanje; abanye babo sebekwenzile futhi behluleka. Kodwa, Nkulunkulu, ngiyazi Uyamethemba umuntu, ukuthi ngenkathi esazama, uyehluleka, bese kuthi-ke isosha elanele lisukume lime ngezinyawo zalo futhi lizame futhi.

225 Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzophendula zonke izicelo zabo. Bami lapha manje, amakhanda abo ekhotheme, izinhliziyo zabo zikhotheme, bayaKukholwa. Wena unguNkulunkulu wabo. Bayavuma ukuthi banephutha, futhi ba—bafuna ukulunga, Nkosi; bafuna ukuthi konke ukungakholwa kususwe kubo. Vumela isono esincane esibathandelayo kalula, masisuswe kubo, kulobubusuku, singaphinde sibuye.

226 Ngibancengela ngamunye wabo. Ubabhekile lapho besukuma esihlalweni sabo, behla kuvulandi osesitezi, behla bephuma ezikhaleni ezimaphakathi nezihlalo. Wena uthi, "Awu, lokho... Angikwazanga ukuma emuva lapho

futhi ngenze kahle nje." Nkulunkulu, ukubizela e-altare bekuzokwenyukela lapha, futhi lokho kukhombisile ukuthi bebengenamahloni ukuvuma amaphutha abo. Futhi bayeza, bevuma phambi kukaNkulunkulu neziNgelosi ezingcwele, bevuma phambi kwabantu bakubo, ukuthi bebenephutha, futhi bafuna ukulunga. Ngenkathi benyukela lapha, okwabo ukuhamba bekhuphukela lapha benza isivumo sabo.

227 Manje, Wethembisa ukuthi bazothethelelwa, futhi ngiyazi bathethelelwe, Nkosi. Futhi ngibabuyisela kuWe manje, njengenceku yaKho, ngezwi lomkhuleko, ngikholwa, ngizwa enhliziyweni yami uMoya oNgcwele omkhulu ujabulile impela ngabakwenzile.

228 Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi bazophila impilo yokunqoba zonke izinsuku zabo, zonke izinsuku zabo sengathi zingagcwala ukunqoba. Kwangathi uSathane, kwangathi ukugula, kubashiye, kwangathi kungabikho lutho olubakhathazayo, futhi kwangathi bangaKukhonza zonke izinsuku zokuphila kwabo. Futhi ngolunye usuku, uma Ulibala, futhi behlela ehoreni lokufa, bfuthi imimoya yakudala ebandayo iqala ukunqamula eceleni kombhede, noma umhwamuko obandayo waseJordani unqamula ubuso bawo, siyazi ukuthi uMkhumbi oMdala waseSiyoni uzoshaya impempe yawo futhi uzodlula futhi uthathe lowomhambi ukuze umyise ngaphesheya komfula. Siphe khona, Nkosi. Babeke e—iZwe lesithembiso ngokuphepha.

229 Baphe ukuPhila okuPhakade, Nkosi, futhi ubavuse ngezinsuku zokugcina. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi, kusasa, ngalinye lalamalungu ebandla angaya ebandleni lawo enobuso obukhazimulayo nobufakazi benkazimulo kaNkulunkulu, ukuthi bathole Ihange elisha, kulobubusuku, futhi manje bangamaKristu azinikele enkonzweni yaKho.

230 EGameni likaJesu ngibanikela kuWe ngomkhuleko wami. Futhi, O Nkosi, uma ngithole umusa emehlweni aKho, thatha ngamunye wabo, ngibanikela kuWe ngenhliziyo yami yonke, eGameni likaJesu.

231 Manje, labo, abazungeze i-altare lapha, abenyukele ukwenza isivumo sakho ukuthi ubunephutha, futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakuthethelela, ngifuna wena, uphakamise izandla zakho njengakho. Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngizwa enhliziyweni yami ukuthi uNkulunkulu usengithethelele, futhi kusukela kulobubusuku kuya phambili ngiyathembisa ukuthi ngizokhonza uNkulunkulu kangcono zonke izinsuku zami ezisele."

232 Manje, ngifuna nina, nijike ngqo, ezethamelini, nijike ngqo nje, nonke e-altare, jikelani ngqo ezethamelini, ngapha na*ngapha*. Manje, phakamisani izandla zenu futhi, ngasezethamelini, futhi nithi kulokhu, "Ngikhulekeleni."

Kushoni nami, “Ngikhulekeleni.” Konke lokho . . . Abantu abami lapha, phindani emva kwami, [Labo abase-altare baphinda emva kukaMfowethu Branham—Umhl.] “Ngikhulekeleni, ukuze ngihlale ngithembekile kuNkulunkulu. Ngiyazi, mfowethu, dadewethu, ukuthi ngizokhonza uNkulunkulu, futhi ngiyawufisa umkhuleko wakho.”

233 Manje, nonke nina laphaya, enizokwenza lokho, phakamisela izandla zakho kubo, futhi uthi, [Ibandla liphinda emva kukaMfowethu Branham—Umhl.] “Mfowethu nodadewethu, ngithembisa umkhuleko wami nokusekela kwami kuwe, uthando lwami nokwethembeka kwami, njengomfowethu nodadewethu. Nkulunkulu, ngisize ngenze njalo. Amen.”

234 Manje, sonke siphakamise izandla zethu kuNkulunkulu . . .

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda . . .

235 (Kulungile, melusi, khumbula izinkonzo zakusasa. Uxolo ngokuba leyithi, batshele ukuthi ngizobathola bonke, uma kufanele ngihlale kuze kube phakathi kwamabili kusasa ebusuku.)

